IMITHOMBO EVUZAYO

Asikhuleke. Nkosi, manje siyakholwa. Siyakholwa eNdodaneni kaNkulunkulu, nangalokhu samukela ukuPhila okuPhakade ngaYo. Manje sesihlangene futhi ntambama nje—noma kulobubusuku kwenye inkonzo, sethemba Wena ngoMlayezo nangalokho Ozositshela khona kulobubusuku. Siyakukholwa Wena, Nkosi, futhi siyaKulindela. Wena wathi "Labo abalindela iNkosi bayakuthola amandla amasha; bayakukhuphuka ngamaphiko njengezinkozi." Ngakho siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uyakusinikeza lawomandla okwenyukela-phezulu kulobubusuku njengalokhu sikulindela Wena.

Siyakubonga Wena ngalababantu nangalokho abayikho kuwe nabayikho kimina. Ngiyakubonga ngalokho, Baba BangamaGugu aKho. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu ukuthi kulobubusuku UzakuZibonakalisa ngendlela abayidingayo. Uma kukhona ogulayo lapha, sengathi bangasindiswa. Uma kunokungabaza emqondweni womunye, kususe lokho, Nkosi, futhi usinike ubukhona baKho nezibusiso zaKho, ngoba siyazindinga, Nkosi Wena ungumanelisi ophezukonke, nangaphandle kwaKho singenze lutho.

Siyakhuleka ukuba wamukele ukubonga kwehtu ngakho konke osenzele khona. EGameni likaJesu Kristu sibheka phambili ezibusisweni zaKho. Ameni. (Ningahlala phansi).

Ngakho . . . Manje, cishe ku—pholapholile kulobubusuku NgeSonto lapha kunangeSonto eledlule ebusuku. Ngakho siyabonga kakhulu kubafowethu abasebenze ngokwethembeka ukuba bafake lokhu. Ngazi ababili noma abathathu babo; uMfowethu Mike Egan, njengoba ngibona emuva laphaya, futhi ngi—uMfowethu Mike noMfowethu Sothmann, uMfowethu, ngiyakholwa, uRoy Roberson, noMfowethu Wood, nabobonke, bebelapha bejuluka ukuba bakulungise, bezama ukukungenisa ukuze sibe nalomlayezo manje—noma namuhla. Ngakho siyabonga.

Manje, ngeSonto elizayo ekuseni, uma iNkosi ithanda, ngithanda ukuba nenkonzo yokuphulukisa, umkhuleko wabagulayo. Futhi sizoyiqokela ukuba ibe yinkonzo yokuphulukisa, uma iNkosi ithanda.

Ngiqaphelisise amaduku amaningi namuhla ekuseni lapha. Ngiwakhulekele, futhi ngi . . . Ngenkathi nisakhuleka nihuba, ngiwakhulekele amaduku, kanti futhi maningi lapha kusihlwa nje. Ngakho si—siyakholwa ukuthi uNkulunkulu uphulukisa abagulayo, sinobufakazi obuningi bokuphulukisa phakathi kwethu nasezweni jikelele. Sithokoza kakhulu ngalokhu.

Ngike ngacabanga, ngeSonto elizayo, njengoba ngizoke ngithi shelele ngingabibikho, sike sagxila kakhulu esifundisweni nesoMlayezo, engicabange ukuthi kungaba yinto enhle uma singaba—nenkonzo yokuphulukisa, sikhulekele abagulayo. Futhi siyethemba ukuthi uNkulunkulu uzakusinika isikhathi esikhulu.

Manje iningi lenu lizakudabula izwe amamayela amaningi kusihlwa nje. Ngakho bengikhuluma ezixukwini e—Blue Boar Cafeteria namuhla lapho benginedina khona, abantu abaningi abalungile. Ngabaxhawula ngakhuluma nabo, abantu engingakaze ngibelamele kepha beza enkozweni. Ngakho ngiyathokoza ngabaningi abanje, futhi ngithanda ukunibonga nonke ngamunye. Abanye babo bastkhelele ugqumgqumu basilethela wona. Nomunye usilethele ibhakede loju—noma utiligi, ngikholwa ukuthi bekuyilo, ne—nezinto ezinjalo . . . Anazi ukuthi kusho ukuthinilokho. Nasekuseni, ngivuka ngiphumele phandle, kwenye inkathi kwakukhona . . .

Ngokunye ukusa kwakukhona omunye umfowethu, owayephatheke kabi kabi, engenazo izingubo zokugqoka nezinto, efuna ukuba ngihambe ngimtholele izingubo. Ngithe ngiphuma, ngacishe ngakhutshwa ibhakede logqumgqumu libekwe laphaya. Ngase ngithi, "Nguwe ophathe labogqumgqumu na?"

Wayesethi, "Qhabo, angiphathelene nabo. Selokhu ngilapha ngaphambi kokuba ilanga liphume, ubuyilokhu uhleli lapha." Lowo bekunguMfowethu omuhle uRudell ongilethele bona. Nalezozinto ngiyazijabulela kakhulu.

UBilly Paul uke wangithela fahla esikhathini esingengakanani esadlulileyo ukuthi kulelibandla kusihlwa nje, banginikelele. Ngi—ngiyabonga ngalokho. Bengingathandi ukuba nenze leyonto. Ngi—ngingathi nje ngiyayibonga imizamo yenu nokunjalo, kepha ku—bekungenasidingo futhi . . . Kepha iNkosi inibusise. Niyazi—niyazi, iBhayibheli lathi, "Lokho enikwenzile kulaba abancinyane, nikwenzile Kimi."

Manje, ngikhulume ngokusobala kini ngoMlayezo, futhi ngi . . . Abanye abantu bangaba nomcabango wokuthi—ukuthi ngicabanga ukuthi uJesu uzobuya ekuseni noma kulobubusuku. Ngicabanga kanjalo! Manje, Angisho ukuthi uYakufika kanjalo. Kanti futhi, Angefika nangeviki elizayo. Kungaba ngonyaka ozayo. Kungaba iminyaka elishumi. Angazi ukuba uyakufika nini, kepha yinye into engifuna ukuba nihlale niyikhumbula: hlalani nizilungisile umzuzu nehora. Niyoba? Ngakho uma Engafiki namuhla, Angaba lapha kusasa. Ngakho kubeke emqondweni wakho lokho, ukuthi uYabuya.

Nakalokhu kangisazi isikhathi esiyoba ihora lami lokugcina kulomhlaba, njengalokhu kungazi namunye wethu. Futhi akukho namunye wethu owazi ukuthi uYakufika nini. Kwayena

Qobo lwaKhe akazi njengalokho asho ngamazwi aKhe. Wathi nguBaba kuphela owaziyo ukuba Yakufika nini; ayazi ngisho neNdodana ukuthi uYakufika nini. Kuyakuba lapho mhla uNkulunkulu eYithumela kithi futhi. Kepha sibheka ukuza kwaKhe. Uma Engafiki kulesisizukulwane sami, angafika kwesilandelayo. Uma engafika kuleso, uyakufika kwesilandelayo. Kepha ngesingami, angiboni sikhathi esisasele. Ngi—ngivele . . . Kimina, kungenzeka kunanoma yimuphi na umzuzu. Manje lokho akusho—lokho akusho, manje, ukuthi uyakubona amazulu eguqulwa nakho konke . . . Akusikhona ukufika engikhuluma ngakho lokho.

Buka, wenza ukubuya okuthathu. Ubuya ngamaGama obuDodana amathathu. Ubuya ebuthathwini, uBaba, iNdodana, uMoya oNgcwele. Bonani? Konke kusenguye lowo Kristu, kunguye lowo Nkulunkulu zonke izikhathi.

Manje siyazi ukuthi uZa ukuletha imisebenzi emithathu yomusa; ukulungisiswa, ukungcweliswa, umBhaphathizo kaMoya oNgcwele. Yonke into kuNkulunkulu ipheleliswa ngokuthathu. Ngakho Wafika okokuzala ukuzohlenga uMlobokazi waKhe; ufika okwesibili ngokuhlwitha ukuzolanda ahambe noMlobokazi wakhe; ukufika kwesithathu noMlobokazi waKhe, iNkosi noMdlunkulu. Emva . . . Kulapho abantu abaningi belindele ukubuya. Kepha uma eBuya ngalesisikhathi, akuyikubalula ukumbona ngaphandle kwalabo abazilungiselele bayokwazi uma eBuya. Kuyakuvele kube khona ukunyamalala kwabantu nje. Abayikwazi ukuthi kwenzekeni kulabo. Bayakuhlwithwa nje bahambe ngesikhashanyana. Futhi lokho . . . Bayovele bakhuphuke balahleke, baguqulwe ngesikhashanyana ngokuphazima kweso. Ngakhozilungiselele ngalokho. Kuyoba yinto ebuhlungu ngokunye ukusa ukushiywa ngothandiweyo, akakho ongabathola. Akuyikuba kubi ukwazi ukuthi sekwenzekile wena wasala na? Ngakho zigcine uphambi kukaNkulunkulu.

Manje, evikini elizayo, uma iNkosi ithanda, ngozayo . . . uMsombuluko kusuka evikini kusuka kuloMsombuluko, uma uNkulunkulu ethanda, ngizothatha umndeni ngiwubuyisele eArizona ukuze baye esikoleni, bese ngi—ngiyabuya.

Manje angihambeli lapho . . . Anginazinkonzo engizozihambela lapho. Angivamile ukuba seArizona; ngiya kwenye indawo. Ngizomusa lapho umkami ngoMsombuluko ozayo. Ngizobuyela lapha futhi. Ngosuka lapha ngiye eBritish Columbia. Ngibuyele eColorado. Ngobuyela eArizona futhi mhlampe sekusondele uKhisimuzi imizuzwana, i—koba kulungile uma mhlampe kube izinsuku ezimbili noma ezintathu, ngihlanganise umndeni, sibuyele amaholide kaKhisimuzi, uma iNkosi ithanda, sibe nenkonzo lapha iviki lonke kuze kube unyuyezi.

Ngakho, ngilapha ngokusebenza . . . ngilapha ngokuphindwe kashumi kakhulu kunalaphaya, ngoba asinandlu yokukhonzela noma izinkonzo lapho, asinalutho lapho, ngakho—ngendlela yendlu yokukhonzela. Kubi impela ngakho; anginandawo yokuthumela abantwana ukuba bezwe leMilayezo njengabantwana benu abeza lapha bazolalela. Ne—ngakho ileso siphazamiso kuphela esinaso. Kepha bonke baphile kahle. Kuyindawo eyomile, eshisayo, eyomile, kepha bonke abantwana bubukeka bephilile. Anglin lapho isikhathi esanele ukwazi ukuthi kuphilekile noma akuphilekile. Ngi—ngiyahamba, futhi ngi—ngi—ngibona sengathi ngazalelwa ukuba wuzulane.

Umkami ungibiza . . . (Ngiyazi ukuthi ulapha, ngakho ngizothola lokhu emva kwenkonzo, nonke niyazi.) Lokho okubizwa ngokuthi "Izibhengubhengu" noma "Umoya ongaPhumuli" noma yini—ukwazi ngayiphi indlela, "izihlabathi ezewukayo," noma . . . ? Ngamany'amazwi ngihlala ngihamba njalo. Senginemiyaka engamashumi amabili nambili ngishadile, futhi ngi—ngesinye isikhathi ngiyaye ngicabange nginjengesihambi ekhaya, ngoba ngihlala ngihamba. Kepha isikhathi lapho siyakuhlala phansi ezweni lakithi ngolunye usuku. Kepha manje impi isabambene, ngakho masibe se—semthandazweni.

Ningakhohlwa, ngeSonto elizayo ekuseni, uma iNkosi ithanda, anoletha abagulayo nabakhathazekileyo. Fikani kusenesikhathi, ngena endaweni yakho, mhlawumpe ke kunesixuku esidinga ukukhulekelwa. Uma bengebaningi, ngeke siwakhiphe amakhadi okukhulekelwa, uma nje beyokwenza umugqanyana wamadazini amabili noma amathathu noma okunye. Kepha si-cishe sizokhipha amakhadi okukhulekela. Cishe sizokwenza cishe ngehora ngaphambi kwenkonzo ejwayelekile, engicabanga ukuthi kuthatha . . . kuyosukela ngo 8:00—8:00 noma kuyaku 8:30 bazonikezela amakhadi okukhulekela, uma kuvulwa isonto, banikezele amakhadi ngeSonto elizayo ekuseni. Sekothi ke, niqikelele ukuba nibe khona—nilethe nabenu abathandekayo. Nibabeke laphaya. Kuyobekumnandi futhi kupholile esontweni (uma begula), sokwenza konke okusemandleni ukubakhulekela.

Ngiyaphinda futhi ngiyabonga ngomnikelo wokothando.

Namanje, sofunda elinye lamaZwi kaNkulunkulu kusihlwa nje, ngakho lungelani ukubaKhona kwaKhe futhi ukusilethela iZwi laKhe. Manje siyazi ukuthi singawufunda umBhalo, kepha nguNkulunkulu owambula ingqikithi yendaba. Niyabo? Singathathela emBhalweni, kepha nguNkulunkulu owambula ingqikithi yendaba.

Ngenkathi nisaphenya eNcwadini kaJeremiya, isahluko 2, ngithanda ukusho ukuthi ngiyajabula ukuba noMfowethu Lee Vayle, umfowethu othandekayo eNkosini, ngicabanga

ukuthi lapha—ukhona umfowethu olapha (ngiyalilibala igama lakhe), uMfowethu Willard Crase. Futhi ngibona abazalwane base Arkansas, uMfowethu John nabanye base Popural Bluff, noMfowethu Brair. No o, Mfowethu Jackson, noMfowethu Ruddell, nabaningi engi—nge . . . Ngifisa sengathi ngingababiza bonke ngamagama, kepha kulukhuni, nani niyabona. UMfowethu Ben Bryant, ngiyambona ehlezi laphaya. Ngihlala ngimuzwa ngo "ameni ekhoneni" ngenkathi ngi . . . Bonke bayamazi uBen ngephimbo lakhe.

Si . . . Sise California ngelinye ilanga, ngangishumayela umlayezo kubantu abangama Baptist esigodini esingenhla. Babenze ithende elikhulu lapho kukhona iningi lamaBaptist asebukhosini. Angimzwanga u "ameni" nxazonke, niyazi. Ngesaba, abanye besifazane besusa upende ebusweni babo. Khona lapho okokuqala nje niyazi, ngabona izinyawo ezimbili zigxuma ziya phezulu emoyeni nezandla ezinkulu ezimbili, nezinwele ezimnyama ziqhikizela lapho, ememeza, "Ameni!" ekhamuluka kangako. Ngathi mangibheka phansi lapho; "Ben, uqhamukephi?" Wabe eselapho esho u "Ameni!"

Ngiyambona owakwakhe emuthi jeqe kancane. Yebo, useqala kancane ukulahlekelwa yilezozinwele ezimnyama, kepha akunandaba. Ungakhathazwa yilokho. Zangilahlekela nami esikhathini eside esadlulayo.

Ngakho manje, ningakhohlwa ukukhuleka. Manje sisangena engxenyeni esemqoka yenkonzo, khumbula, uma sifunda leliZwi khona-ke uNkulunkulu uyakulibusisa iZwi laKhe. Soze labuyela kuYe lilambatha, kepha liyakufeza lokho elihloselwe khona. Futhi ngiyazi ukuthi ekufundeni iZwi, ngiyohlala njalo ngiseqinisweni. Uma ngifunda iZwi uNkulunkulu uyolihlonipha iZwi laKhe.

Manje, masisukume sikhombise ukuhlonipha iZwi laKhe, Jeremiya isahluko 2, amavesi 12 no 13 kaJeremiya 2:

> *Mangalani ngalokho, mazulu, nithuthumele, nichitheke impela, usho uJehova.*
>
> *Ngokuba abantu baMi benzile okubi okubili: baNgishiyile, umthombo wamanzi aphilileyo, bazigumbele imithombo, imithombo evuzayo, amanzi angenakuhlala kuyo.*

Masikhothamise amakhanda ethu manje. Nkulunkulu othandekayo, iZwi laKho selifundiwe, ngakho siyakhuleka ukuba Uzolihlonipha leloZwi usinikeze kulobubusuku umfanekiso—noma ukuhambisana naLo, njengoba sibuka ezinsukwini ezadlulayo, uIsrayeli njengezibonelo, njengoba iBhayibheli lisifundisa, ukuze sibone Owakwenzayo kubo lapho belalela iZwi, sibone Owakwenzayo lapho bengalaleli iZwi, bese sifunda ukuthi kumele senzeni. Ngakho siyakhuleka ukuthi Uzokhuluma kithi kulobubusuku ngandlela-thize, ukuze sazi

ukuba kumele siziphathi kanjani kulolu-suku esifunde ngalo kulokhu-kusa esiphila kulo. Lokhu sikucela eGameni likaJesu. Ameni. (Ningahlala phansi.)

Ngithanda ukukhuluma kulobubusuku ngesifundo e-esifishanyana ngeMithombo eVuzayo.

UIsrayeli wayenze okukhulu okubi okubili. UNkulunkulu wathi babeMshiyile, uMthombo wokuPhila, base besigumbela imithombo evuzayo ukuba baphuze kuyo.

Manje, kuyinto . . . Okwenze ngacabanga ngalomBhalo, kungoba ngibone ukuthi ungahambisana kulokhu ebengikusho ekuseni kwehora esiphila kulona nokwenza sizabalaze.

Ngakho sibuka kulsrayeli njengesibonelo salokho uNkulunkulu abe eyikho. Uhlala eyilokho ayikho. Futhi yinye into uNkulunkulu aselokhu ayihlonipha; kwakuyileyondlela yaKhe Ayihlelela abantu. Uma bephuma kuleyondlela, kulapho uNkulunkulu Wabe ehlaziswa khona, noNkulunkulu ubenza abantu bahlupheke ngenxa yokuphuma kulokho abatshele ukuba bakwenze. Akukhathaleki ukuthi kwabe kunjani. Wabanika ngisho nomthetho: "Ungathinti, ungaphathi, unganambithi," kungabi-nje ngenxa yobubi bokukwenza lokho kepha ububi bokungalaleli lokho Athe kwenze. Futhi akukho-mthetho ongahlala ungenasijeziso somthetho, ngoba uma kungekho sijeziso, kusho ukuthi lowomthetho awusho lutho uma ungenanhlawulo, umthetho.

Manje, sithola ukuthi abakwenzayo ngalolosuku kubonakala kuhambisana nalokhu esikwenzayo namuhla, okwenziwa ngabantu bebandla.

Manje, sibona into eyisimanga lapha. Kungaba yisimanga kwabanye abantu uma Ethe, "Ni—bazigumbele imithombo, imithombo evuzayo." Manje, mhlawumbe abanye benu abawazi umthombo wokuzakhela ukuthi unjani. Bangaki abaziyo ukuthi umthombo wokuzigumbela unjani na? Yebo, cishe nonke. Uma nakhulela epulazini, niyazi ukuthi unjani umthombo wokuzigumbela. Ngiyakhumbula ngake ngaphuza eziningi izilokazane komunye u—ukuze ngibone ukuthi umthombo wokuzigumbela uyinto enjani. Ngake ngashumayela emaphandleni lapho u—lapho kunemisasane khona, lapho othola umcengezi omkhulu wamanzi ugcwele amanzi omthombo wokuzakhela sihleli lapho aqhamuka e—emvuleni, niyazi, kugcwele izintwanyana ezindala, ne—nezilokazane ebusuku zingena lapho . . . Ngakho, ngiyazi ukuthi anjani amanzi ethange.

Um—umthombo wokuzenzela uyi—uyindawo, okuyaye kugujwe umhlabathi kube sesimweni somthombo. Lapho abantu bengenawo khona umthombo wemvelo, bayaye-ke bazigubhele u—umthombo. Ngamanye amazwi, umthombo wokwenziwa lona ulithange lokwenziwa noma umthombo

wokwenziwa ogujwa ngabantu emhlabathini ukuze bathole amanzi o—azosetshenziswa. Abanye babo bawasebenzisela ukuwasha, amanye amanzi bawasebenzisele ukuphuzwa, noma mhlawumbe ngandlela thize. Wonke amanzi esasiwasebenzisa kwesinye isikhathi ayengowomthombo wokwenziwa. Kwakuba nesibambwana esidala esiphenduphendulwayo ukuze kukhuphuke amanzi, kwakuba namabhakedanyana kuwo okukhuphula amanzi emgodini.

Manje, siqaphelisisa into eyodwa ngomthombo-mbumbulu ukuthi wehlukile emthonjeni wemvelo. Manje umthombo-mbumbulu uhlala ungenamanzi. U—u—umthombo-mbumbulu awukwazi ukuzigcwalisela amanzi ngokwawo. Awu—a—awuthembakali. Ngeke wethembela emthonjeni wokuzigumbela. Wethembela wencike ezimvuleni ezina ehlobo noma ebusika, noma kukuphi, uku. . . Ngokuvamisile ngesikhathi sasebusika nxa iqhwa nezimvula kufika, kuyaye kugelezise amanzi aye emthonjeni wokwenziwa. Uma ungawatholi lawomanzi, ngakho a—awutholi manzi. Ko—ko. . . Koma nkwe. Futhi ungezigcwalise ngokwawo. Umthombo-mbumbulu omdala ungezigcwalise ngokwawo ugcwala nge—ngezimvula ezinayo.

Futhi ngithanda niqaphele okunye ngomthombo - mbumbulu. Ngokujwayelekile, uthola. . . Ngendlela owawuyiyo endaweni yakithi, umthombo wokwenziwa. . . Ngokujwayelekile izindlu okukhwezwa kuzo yonke inhlobo yezimphala zibankulu ngokuphindwe kabili kunobungako bendlu yokuhlala, babavamisile ukukhongozela amanzi agobhoza esuka ophahleni Iwendlu yezimpahla aye ethangweni. Ngiwukhumbula kahle lowayamthombo omdala lapho a—lapho a—mapayipi ekhongozela amanzi ewasusa ophahleni Iwendlu. Aqale agcwale phezu kwendlu, asuke-ke lapho amanzi ophahleni Iwendlu yezimpahla lapho kade kudovadova khona izilwane eyadini lesitebele nakho o—konke ukungcola kwegceke lendlu okuyaye kuhlale phezu kwendlu ngezikhathi zokomisa, bese-fika amanzi ageze konke okusuka ophahleni kuye esitsheni samanzi esenziwe ngumuntu, bese kuya ku gadasi owakhiweyo kuze kuyongena ethangweni. Uma ungathi akusikho ukungcola lokho, angazi ukuthi ungathi unani, uma unomthombo wokuzenzela! Yebo, mnumzane! Konke kwenziwe ngumuntu futhi futhi kungcole ngendlela exakile.

Uyazi, sasivame ukubiza—sasinesisefo sesaka komunye. Bewazi ukuthi yinto enjani leyo na? Kwakubekwa isisefo sesaka kuwo ukuze kubambeke izilokazana nezinto ezazisuka phezu kwendlu yezimpahla, nasemaphethelweni endawo, okwakusuka kwenye indawo kuye kwenye indawo. Sasivamise ukubeka i—isisefo sesaka ukuze kubambeke yonke i—imfucumfucu nokunye esingakubamba. Nokho kwakungawubambi udoti qobo lwawo, kwakubamba lezozinto ezibambekayo ezazehla ziwele

kuso. Ibhungane lalingabambeka kuso, kepha okuwuketshezi okuphuma ebhunganeni kwakuhamba namanzi. Ngakho u—uba nokungcola okwenyanyekayo uma unomthombo wokwenziwa.

Ezinsukwini ezimbalwa, uma uke wayeka lawomanzi ahlala lapho, avele abe nolwembu. Uma uyeka amanzi ahlala emthonjeni—mbumbulu, ayaye abe nolwembu, bese kugcwala a—amaxoxo nemibankwa nezinyoka, futhi—sasivamise ukukubiza ngokuthi i—"onoshobishobi," izintwanyana ezimbi . . . Angazi noma . . . Akuzona lezilwanyana eziphila ngegazi lezinye izilwane, ziyi . . . ? . . . angazi ukuthi nizibiza ngokuthi ziyini, kepha lezozintwanyana ezingena emanzini e—esikubiza ngokuthi onoshobishobi. Niyazi ukuthi kuyinto enjani. Bangaki abaziyo ukuthi ngikhuluma ngani na? O, nebala, nonke zinsizwa zasemaphandleni niyazi. Ukuthola konke kugcwele emanzini amile, nabobonke onkabi abathanda amanzi akhuntileyo bangena kuwo. Kuyazizela ngoba, ngoba kukhuntile. Ngoba akhuntile, adonsa izilwane ezithanda izinto ezikhuntileyo.

Konke lokhu kufana ncimishi namasonto anamuhla. Ngicabanga ukuthi sishiye . . . Esinye sezono ezinkulu esenziwe ibandla namuhla, njengalokho kwenza uIsrayeli lapho, laMshiya, uMthombo waManzi okuPhila, base bezigumbela imithombo yokuzakhela. Sekuphenduke kwaba yindawo yokuhlala konke lokho okuthanda leyonhlobo yamanzi. Imibankwa, amaxoxo, nayoyonke inhlobo yamagciwane angcolile ahlala kuwona, ngoba kulithange elenziwe ngumuntu; nakulelithange kuhlala lezizinto. Kungumfanekiso ofana nse nobuhlelo bethu namuhla.

"Manje," uthi "Mfowethu Branham, ugxilelani kulabobantu kangaka na?" Kumele bagxekwe impela. Kumele ngigxile kubo. Phumani kubo, ngoba ekugcineni kuyoba uphawu lwesilo. Khumbula lokho kuliQiniso. Kuyakuba luphawu lwesilo; ihlelo liyophelela kulo. Sekusendleleni ebheke kulo ngqo ukuphoqa ngamandla . . .

Bheka, kumbusi omdala wamaRomani yilokho impela okwabaholela ophawini lobuhlubuki. Wawuthola ukuthi kwakungekho muntu owayengathenga noma athengise ngaphandle kophawu lwesilo. Kwakumele abe nalo.

Zimbili kuphela izinhlobo zabantu abayoba semhlabeni; yilabo abanoPhawu lukaNkhulunkulu, nalabo abanophawu lwesilo, izinhlobo ezimbili kuphela. Ngakho kumele uthathe olunye kuzo. Nalokho kuyakuba ukuhlubuka, u—uphawu lwenkolo, inkolo yokuhlubuka.

Futhi kuzakuba umfanekiso wesilo. Njengoba sifunda, sithola ukuthi iRoma yayi, nokuthi i, futhi iyohlala njalo iyi—iyisilo. Kunjalo impela. Ayikho indlela ongathola ngayo okunye—ngaphandle kweRoma.

Pho-ke yenzani iRoma na? Yaguquka isuka ebuhedenini bamaRoma yaya ebuRomeni bobuphapha yase izihlelela inqubo yayo, inqubo eyagumbuqela umhlaba wonke, yaphoqa noma, ubani ukuba angene kuleyonkolo kungenjalo wayebulawa.

Futhi kuyinto eyisimanga ukuthi le United States iyavezwa nayo, futhi iyi—injenge wundlu. Newundlu linezimpondo ezincane ezimbili, lokho kusho impucuko yamasiko yobufundisi bezenkolo. Emva kwalokho kade kuliwundlu, sithole ukuthi lase likhuluma njengodrako lasebenzisa onke amandla njengoba udrako enza ekuqaleni. NeBhayibheli lisitshela ukuthi, "Masenze umfanekiso wesilo." Umfanekiso uyinto efana nenye into. Futhi singabona khona lapha ukuthi esimweni salo sokuhlubuka ibandla lakha uMkhandlu wamaBandla oMhlaba, lokhu okungumfanekiso wamandla eRoma, futhi kuyophoqelela abantu njengalokhu kwenza iRoma lobuhedeni—noma njengoba kwenza iRoma lobuphapha. Ngakho ayikho enye indlela ayikho enye into, kepha lokho kuliQiniso.

Kungakho ngilidebeza ngalonyaka wami, ngesikhathi sami, kungoba kumelwe kudebezwe. Ubizo luthi "Phumani kulo, bantu bami, ukuze ningahlanganyeli nalo izono zalo!"

Manje, lokho ngikufanisa nalodoti, imithombo engcolile yokuzigumbela. UnguMthombo wokuPhila; UngaManzi aPhilileyo. Nomuntu ushiya lowo bazigubhele imithombo egcwala ukungcola. Yileyonto-ke kuphela okungayiqoqa. Benzejalo-ke ubuhlelo; bubamba yonke into efikayo efuna ukujoyina. Bayavuma ukukwamukela inqobo nje uma kunemali noma kugqoka isitayela esithize. Abakhathali ukuthi bangobani, bavelaphi, bavele babathathe nje.

Manje, siyathola futhi ukuthi loluphawu lwesilo olwabunjwa lapha . . . iMelika ingunombolo 13; yazalwa ngamazwe angu 13; inefulege elinezinkanyezi ezingu 13, nemigqa engu 13; futhi ibonakala ngisho eSambulweni isahluko 13. NeMelika ibiyilokhu ingowesifazane, ngisho nasohlamvini lwemali yakithi. Ngisho nekhanda lomNdiya ohlamvini lukapeni ingxenye yobuso bowesifazane. Siyakwazi lokho, siyawazi nomlando wayo. Yonke into, iNsimbi yeNkululeko nakho konke okunye, iNkululeko—isiThombe seNkululeko si . . . Kuyoyonke into ngowesifazane. Ngowesifazane, unombolo 13 . . . Niyabo?

Manje, kumnandi ukubona lezozinto. Namanje, ngibikezele ngesambulo engasinikwa nguNkulunkulu noma umbono engawuboniswa ngo 1933, ukuthi ziyisikhombisa izinto eziyokwenzeka ngaphambi kokuba kufike umuhla wokuphela. Nokuthi enye yazo, yikuthi uMussolini, owaphenduka indlovu—kayiphendulwa wayezoba ngu ngqo-shishilizi; nokuthi uyokwehlela eEthiopia ahlasele izwe, nokuthi uyoyidla iEthiopia. NoMoya wabe ushilo ukuthi "uyohlulwa."

Angazi noma ukhona yini osadla anhlamvana lapha kulezizinsizwa ezindala lapha etabernakele nisakhumbula ngisho lokho ezansi laphaya eRedman's Hall mhla sishumayela eminyakeni eminingi eyadlula. Ngabe ukhona yini lapha endlini osaphila ngamhla sisezansi laphaya eRedman's Hall endala mhla sishumayela ngalokho na, ngenkathi kusadume iNhlangano yezokuPhathwa kweZwe (N.R.A.) lapha ezweni kudala ngesikhathi sikaRoosevelt sokuqala na? Cishe akukho muntu lapha. Ngabe ukhona na? Yebo, yebo ukhona oyedwa. Ukhona, oyedwa, yebo, uNkz. Wilson, ngiyamkhumbula. Nomkami, ehlezi ngemuva. Babili abasasele e—esizukulwaneni esidala salabo bangalesosithathi. Kulapho abathi le N.R.A. yabe iluphawu lwesilo, ngasho ukuthi, "akusiyo! Nhlobo. Uphawa lwesilo aluveli lapha, luvela eRoma, ngakho ngeke kwaba luphawu lwesilo."

Namanje, khumbulani ukuthi lezizinto zashiwo. Kwathiwa uAdolph Hitler uyokufa ngendlela eyinkinga nokuthi uyolwa neMelika; futhi bayokwakha ukhonkolo omkhulu o—omkhulu, abangaze bahlale ngisho nakuwo, nokuthi khona lapho amaMelika ayolwa kanzima. Kwabe kungumugqa wogange lokuvimbela izitha—kwakusasele iminyaka elishumi-nanye ngaphambi kokuba wakhiwe! Kepha kwashiwo ukuthi uyogcina efile, neMelika iyoyinqoba impi.

Kwashiwo futhi ukuthi kuyobakhona "imibuso emikhulu": uMbuso wamaJalimane uMbuso wamaNtaliyane noMbuso wamaRashiya. Ngase githi "Bonke bayogwinywa ngamaKhomanisi. IRashiya iyobafaka bonke ebuKhomanisini."

Futhi ngathi, "Khona-ke isayense iyobankulu kabi, umuntu uyohlakanipha ngangokuthi ziningi izinto ayozisungula, aze enze imoto emisise okweqanda eyoba nento enjengengilazi okhakhayini lwayo, iyoqhutshwa ngaphandle kwesiteringi." Futhi-ke sebenayo imoto.

Futhi ngathi, "Kothi isimilo sabesifazane bakithi siyoba ngesibi kakhulu kuze kuthi izizwe zonke zingabe zisaba nasithunzi. Bayogqoka izingubo zabesilisa. Bayolokhu beqhubeka benquna kuze kufike lapho beyogqoka khona izingubo ezibukeka njengezingubo zangaphansi. Yilokho-ke. Nasekugcineni bayogqoka kuphela ihlamvu lomkhiwane." Futhi uma uqaphela, kuLife magazine, baveze owesifazane ebhince amaqabunga omkhiwane; bathi-ke leyo ingubo yakusihlwa, noma igawuni, lokhu abakugqoka ngakusihlwa, okukhanyayo, okubonakalisa ngale, okungenabhande lokubopha—noma umchilo—isudu yokubhukuda engenamchilo, emahlombe, eveza umzimba obala . . . Nalezozinto zibonakele zenzeka.

Ngase ngithi, "ngabona owesifazane eMelika enjengendlovukazi enkulu noma into enjengaleyo. Futhi wabe

ebukeka emuhle, kepha enenhliziyo embi. Futhi wenza ukuba isizwe siha—sihambe ezinyathelweni zakhe."

Kepha ngathi, "Ekugcineni Wangitshela ukuba ngibuke ngasempumalanga futhi, ngenkathi ngibuka, Ngabona, okwakubukeka njenge, sengathi kwaku, ngukusakazeka komhlaba. Into eyayinokubonakala nje kuphela kwakuyizinti, namadwala aqhekezekile ayeqhume ephume emhlabathini. Nalezizinto zaziyokwenzeka ngaphambi kokuphela kwezwe." Nezinhlanu zalezi eziyisikhombisa sezivele zenzekile eminyakeni emashumi-mathathu!

Nakho-ke lapho sikhona, sibuyela esikhathini sokuphela! Kusukela lapho ngayihlaba ngayihlikiza inqubo yobusonto. Nakulobubusuku ngisakholwa wukuthi ingumgodi kadoti indawo lapho ukungcola kugijima kungene khona. Angikholwa ukuthi uNkulunkulu uyoke athathe into enje ayingenise eBandleni laKhe, ngoba kumelwe izalwe ngoMoyo kaNkulunkulu bese iyahlanzwa ngaphambi kokuba ibizwe ngokuthi ingeyaKhe. UMzimba kaKristu oyimfihlakalo, sibhaphathizelwe kuwo ngobhaphathizo lukaMoya oNgcwele.

Yebo, lenqubo yomthombo-mbumbulu iyisibonelo esiphelele impela sehlelo. Indoda ehlakaniphileyo kumele ilibuke maqedane ingalokothi ingene kulo, ngoba uNkulunkulu ubonakalikile kusukela ezikhathini zasemandulo ukuthi Uphambene nalo futhi kakaze asebenze ngalo. Nayisiphi na isixuku. . .Bekuthi nxa kuvela umuntu enomlayezo, njengo Luther, uWesley, noma nabanye, noSmith, noCalvin, nabanye, uma bake bahlela, uNkulunkulu wayevele abashiye phansi angaphinde ayivakashele leyonto ngemvuselelo.

Buka emlandwini. Kakaze kube khona-sikhathi lapho uNkulunkulu ake wathatha khona ihlelo wenza imvuselelo ngalo. Kakaze ngisho kuphi ngakho kuyafakaziseka ngomlando nangeBhayibheli ukuthi kuyinto engcolile ebusweni bukaNkulunkulu. Ngakho angilifuni nalapho lihambe khona. Futhi kungakho ngiphambene nalo futhi ngizama ukukhipha abantu kulo.

Simenyiwe—njengakulsrayeli, namanje kunjalo—kumele sibuke kulsrayeli njengesibonelo. Bona, inqobo nje uma babesahleli nalowo Mthombo, babekahle. Kepha mhla bezigumbela imithombo, izinqubo ezenziwe ngabantu, uNkulunkulu wayebashiya befadalele. Nathi uyosenze-njalo. BaMshiyile, uMthombo waManzi aPhilayo. Ilezo nsolo uNkulunkulu abanazo ngabo, ukwenza into ababe—ababenokuthi, "Uyayibona into esiyenzile?"

Manje, lapho—esikhathini soku—ukuhamba kukaMose, lapho uNkulunkulu ngomusa wabe ebanike umprofethi, ebanikeze iNsika yoMlilo ukuba ihambe phambi kwabo, yabonakaliswa ngezibonakaliso nezimanga, umusa

wawuzilungisile zonke lezizinto, kepha uIsrayeli wayelokhu esafuna . . . ? . . . Umthetho. Benqaba umusa bafuna umthetho. Yikhona lokho impelake okwenziwa ngabantu namuhla; benqaba iZwi ukuze bathathe inqubo yehlelo, ngoba kulo bangenza noma yini abayithandayo baqhubeke nayo. Kepha soze wakwenza lokho kuKristu! umele ukuza uhlanzeke futhi ucacile ukuze ube kuKristu.

Bashiya umthombo wemvelo ophethuzayo ukuze bamukele inqubo ehlelwe ngabantu noma imithombo-mbumbulu, ungathini nje umuntu enza leyonto? Ungathini nje umuntu enomqondo othatha kahle ongaphuza esiphethwini samanzi acwebile, awashiye ngesizathu nje sokuba aye emthonjeni wokwenziwa onamaxoxo, imibankwa, onoshobishobi, nakho konke okunye okuphakathi na? Ayizwakali inomqondo leyonto, kepha kuyilokho impela abantu abakwenzileyo. Bashiye iZwi, uMthombo wangempela wesizinda namandla kaNkulunkulu ukuba baphuze emithonjeni yokuzigubhela bazenzele imithombo-mbumbulu. Njengalokho benza lapho, bakwenzile namanje.

Bathi . . . Wathi, "Bangishiyile lapha." Washo njalo lapha kuJeremiya 2 no 14—noma ku 13 njalo. Wathi, Bangishiyile. UMthombo waManzi aPhilileyo.

Manje, siyawubona umthombo wokuzigumbela ukuthi uyini. Siyawubona ukuthi ubuthani. Siyawubona ukuthi wenziwa kanjani. Kuyinto eyenziwe ngumuntu okusuka ophahleni olungcolile. Imvula enayo ishaya phezu kophahla olungcolile, bese igeza uphahla, igeleze ize iyofika esitsheni sokukhongozela esenziwe ngabantu, atshuze njalo ngepayipi elenziwe ngabantu, aze ayofika ethangweni alakhiwe ngabantu. Nakho konke ukungcola kuqoqeleka lapho phakathi, na—amagciwane, nemibankwa, namaxoxo, nezinto zezwe nento enjalo. Futhi qaphela, ziyizilokazana ezingcolile, onoshobishobi, amanzi amile. Unoshobishobi akaphili emanzini acwebile. Uma uhlala, ayowubulala. Ulunga uma usemanzini amileyo.

Kunjalo nakulezizidla-magazi abantu namuhla. Kaninakuhlala emanzini acwebile kaMoya oNgcwele. Kungalesisizathu bezimelele ekuphikisaneni neZwi, basho nokusho ukuthi Liyaziphikisa; aLinalo nolunci. Kungoba bathanda ichibi lamanzi amileyo ukuze batshuze kuwona. Kunjalo. Kuyinto efanayo nanjengamaxoxo, nasezibankweni, nakonoshobishobi, nento enjengaleyo. Zitholakala zizungeze ixhaphozi noma echibini lamanzi angagobhozi ukuze ziphile, ngoba kuyimvelo yazo ukuba ziphile lapho. Futhi soze waguqula isilwane ngaphambi kokuba uguqule imvelo yaso. Kunjalo soze wamenza umuntu ukuba abone Izwi likaNkulunkulu ngaphandle kokuba imvelo yakhe iguqulwe. Nalapho imvelo yakhe isiguquliwe kulokho ayikho abe yindodana kaNkulunkulu

bese uMoya oNgcwele efika kuye . . . UMoya oNgcwele waloba iZwi likaNkulunkulu.

Namuhla bengikhuluma nomngane wami olungile uDr. Lee Vayle, okhona manje. Futhi uyi—sifundiswa kwezokwazi ngoNkulunkulu. Ngakho sivamise ukuba ne—nezingxoxo ezimnandi mayelana nomBhalo. Unobuhlakani impela. Wake wangibuza ngesinye isikhathi ukuthi ngingathi iluphi uphawu lokubonakalisa ukuthi umuntu noMoya oNgcwele, ingabe kungukukhuluma ngezilimi na? (Sekuyiminyaka eminingi eyadlula). Ngathi, "Qhabo, angiboni ukuthi yilokho."

Wathi, "Nami angicabangi ukuthi yilokho," "nakuba ngafundiswa kanjalo." Wathi, "Wena ucabanga ukuthi ngabe yisiphi isibonakaliso na?"

Ngathi, "Isibonakaliso esiphelele phaqa engingacabanga ngalo wuthando." Sasilokhu sikhuluma ngalokho. Ngase ngicabanga, "Kuzwakala kangcono." Ngakho ngabambelela kulokho: Uma umuntu enothando. Kepha ngelinye ilanga embonweni iNkosi yangiqondisa, Yathi isibonakaliso sikaMoya sibonakala ngalabo abamukela iZwi, akusilona uthando nokukhuluma ngezilimi, kepha kungukwamukela iZwi.

Khona uDr.Vayle wayesho ukuthi lokho kungokomBhalo. Wathi, "Ngokuba kuJohn 14," uJesu wathi, "Uma uMoya oNgcwele esefikile kini, uyakazambula lezizinto kinina enginifundise zona, anikhombise okuyakwenzeka." Ngakho nanto uphawu lokubonakalisa ukuthi unoMoya oNgcwele. Kakaze angitshele okuliphutha kuze kube manje. Ukuthi kuyilokho; ukuthi isibonakaliso sikaMoya oNgcwele sibonakala ngalowo okholwa yiZwi, ongalamukela. Ngoba uJesu zangathi, "Uma uMoya oNgcwele esefikile, niyakukhuluma ngezilimi." Kazange athi, ". . . sefikile uMoya oNgcwele niyakwenza noma yiziphi zalezizinto." Kepha Wathi, "Uyakuthathela lezizinto kokwaMi anitshengise zona, antishengise nokuyokwenzeka." Ngakho naso isibonakaliso sangokoqobo sikaMoya oNgcwele ngokusho kukaJesu qobo lwaKhe.

Ngakho onke lamavuso nezinto abantu abanazo nabasaphila kuzo, ungabona ukuthi yini bezenza. Niyabo, kuphenduka ihlelo noma ichibi lamanzi amile, futhi soze kwabakhona ihlelo elakhiwe phezu kwe—kweZwi eliphelele LikaNkulunkulu. Ngeke lakwenza, ngoba ngeke wakhetha—wamhlela uNkulunkulu. Qhabo, mnumzane.

Isizathu sokuba kubenje, ufumana isigejana samadoda akholwayo yiZwi, bese beqala ukuhlela. Into yokuqala eyenzekayo, emva konyaka uthola sekukhona isixukwana sababhidlizi lapho ongeke usabakhona. Bafike bengamele, ngeke usabenza lutho. Akusiyo inqubo kaNkulunkulu. Akusiyo. Ngakho siyazi ukuthi lezozinto zafa zaba ngumthombo wokuzigumbela kwaba yindawo lapho bedudana ngalokhu,

lokho noma ngalo khuya ukuze bathole amalunga lapho, noma bavumele abantu bangene.

Sithola ukuthi lenqubo yaqala emuva ezinsukwini zikalsrayeli lapho begumba lemithombo. Kwakukhona indoda nesixuku sabaFarisi ababegumbe eminye yemithombo. Futhi babenendoda ebizo layo nguHerodi, lowo wayeyisi-shayamthetho, umbusi wezwe. Wehla ukuyokuzwa umuntu owayengancengi mahlelo abo. Wabe-ngumprofethi. Futhi akukho mprofethi owake washendeza nehlelo, kepha babelizonda.

Lomprofethi waqala wathi, "Ningasho phakathi kwenu, 'Sinobaba uAbrahama,' ngokuba ngiyanitshela ukuthi uNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe." Base bemlethela indoda enegama, nalendoda edumileyo yabe ithathe umkamfowabo kuye yashada naye. Ngabe lendoda yahamba yafike yathini ebusweni balendoda edumileyo na? Babecabanga ukuthi uyofike ayincenge athi, "Manje, mnumzane, une—unesihialo esihle lapha. Cishe kufanele . . . Ngiyajabula ukuthi ulapha namuhla ukuzongilalera." UJohane waqonda ngqo kuyo wathi, "Uhlezi naye ngokungemthetho." Leyonto yokuqala ayisho yaseneka obala isono sayo.

Niyabo, amahlelo akha amachibi amileyo lapho indoda ingazihlalela khona nabafazi, nokuthi abafazi bangaziphatha noma ikanjani banquma izinwele zabo bakhinde benze noma yini okunye bazibize ngamaKristu; kepha umthombo wangampela (Haleluya) wamandla kaNkulunkulu, ngeke wahlala lapho, ngoba uyaphuphuma. "NginguMthombo waManzi aPhilileyo. Bangishiyile ukuze bazigumbele umthombo."

Manje, umthombo wamanzi aphilayo . . . Siyathola ukuthi uyini umthombo wamanzi aphilayo. siyathola ukuthi uyini umthombo wokuzigumbela. Manje, uyini umthombo wamanzi aphilayo na? Ungumthombo oyisiphethu wemvelo. "Umthombo oyisiphethu wemvelo, yini leyo, Mfowethu Branham na?" Kuyisiphethu esi—si—sihlala njalo sikhipha amanzi phansi komhlaba bese siwaphushela ngaphandle amanzi aso. Sihlale sigeleza njalo. Asilekelelwa muntu, sihlala sicwebile sihlanzekile njalo, umthombo oyisiphethu, umthombo wamanzi aphilayo. Awufile awumile; uyaphila. Uhlale ushintsha njalo, uyilokhu uletha into entsha njalo, uyilokhu ugelezile uqhamuka ezinzulwini zomhlaba. Udonsa unqambothi lwamanzi oluphuma phansi ekujuleni, okuyi—kuyilokhu kungumthombo wamanzi aphilayo etsazela phezulu, uzihlanza wona luqobo. Uhlanzekile—ucwebile, ngamanzi ahlanzekile. Ayaziphumela; akudingi ulinde izimvula ukugcwalisa ithangwe lichichime. Uhlala uphuphuma njalo, ukhipha amanzi awo ngesihle.

Akudingi uwaphampe, uwawayinde, uwaphendule noma uwahlanganzie. Ngumthombo wamanzi aphilayo nje kwaphela.

Uyazi, uma uthatha lemithombo emidala yokwenziwa, kumele ulokhu uweupheduphendula, uwuphenduphendula, uphampa, nakho konke ukuze uthole ingcosana yalawo-manzi amile aphume, kepha umthombo wamanzi aphilayo aziphumela kahle nje ngaphandle kokuphampa, ujoyine, nokunye.

O, ngiyajabula ngalowoMthowo! Yebo, mnumzane! Awudingi sisefo kuwo ukukhipha izilokazana eziphila ngegazi lezinye izilwane, ngoba uqhamuka phansi ekujuleni edwaleni lapho kungekho zilokazana eziphila ngegazi. Awunasaka lemfundo elilenga kuwo (njalo!), ezinye izinqubo ezenziwe zobuzwe ezenziwe ngumuntu, ukuhlakanipha kobuhlelo ukukutshela phambi kukachwepheshe wezengqondo ukuthi kungakulungela yini ukushumayela noma qha. Awunayo enye yalawo masaka angcolile alenga kuwo. Ungalifuqa uliphonse le kude ngokushesha uma uthi ulibeka lapho. Ngeke wakwenza lokho. Lesosiphethu siphethuza njalonjalo. Uma uke walibeka elinye lamasaka kuso, siyolikhipha liqhashele kude le. Asinasikhathi sesaka lobuhlelo kuso.

Awudingi kucwenga, awudingi sisefo, awudingi kuphampa, awudingi lutho. Sihlala silapho, siphuma. Asinciki ezimvuleni ezina kuleyo ndawo ukusigcwalisa. Izimvula ziyizimvuselelo. Lapho lowomthombo—kukulowomthombo wokuphila, lapho isidumbu sikhona k ulapho izinkozi ziyakubuthana khona. Awudingi ukuphampa imvuselelo; awudingi kuphampa lutho. Into okumele uyenze yinye ukuba uze emthonjeni. Uhlala njalo ugcwele ubuhle, amanzi acwebile, futhi akukho kukhawuka kuwo. Uyilokhu uphuphuma nje.

Akudingi uye emthonjeni wokwenziwa ufike uthi, “Yebo, uma lina kukhuculeke konke okuphezu-kwendlu, ngalelolanga siyothola amanzi.” Qha, qha! Ngeke lona. Lowomthombo oyisiphethu ohlala ugobhoza amanzi amnandi abandayo. Ungathembela kuwo. Awudingi ukuba uthi, “kulungile ngizoya kulomthombo wokwenziwa omdala. Sasiphuza kuwo, kepha kade lagcina ukuna. Ungawufica womile ngiyakutshela.”

Zinjalo nalezizinqubo ezenziwe ngabantu. Ungaya khona, uma kukhona okukhulu okwenziwayo, imidlalo emikhulu, nokunye okudayisayo, noma—noma into ethize eyenziwayo, amadili amakhulu nokunye okwenziwayo, imidlalo yamakhadi, nemidlalo yasendlini, konke, ungakuthola kugcwele indlu; kepha uma uya lapho eMthonjeni ohlala uphophoza, abantu bafunyanwa khona bephuza amanzi abandayo amnandi; ungethembela kuwo. Uthi, “Kade bagcina ukuba nemvuselelo kusukela eminyakeni elishumi.” Uma uphila ngalowoMthombo, wona uhlala njalo unemvuselelo elokhu iqhubeka.

Njengendoda encanyana engumWelsh yathi noma . . . Ngasikhathi simbe babenemvuselelo yaseWales eyabe ilokhu isha, kwakukhona ezinye izicubuthwane zaseMelika, ezingabanye balabo-dokotela bezenkolo bahamba baya eWales ukuyobona nanokuthi yabe iyini yona lemvuselelo. Phoke babedlubhe okhololo bebabhekise emuva, bedlubhe nezigqoko zabo, babehla ngomgwaqo. Nakhu sekuqhamuka iphoyisana lizihambela, liphenduphendula indukwanyana yalo endala esandleni salo, lizihlabela umlozi, "Kude le esiphambanweni lapho uMsindisi wami wangifela khona, kude le lapho izono zami zahlanzwa khona ngamemeza khona ngathi kulapho iGazi lahlanzakhona inhliziyo yami. Malikhazimuliswe iGama laKhe." Lihamba lehla ngomgwaqo. Base bethi, "Lendoda ibonakala injengekholwa, sizohamba siyibuze." Base bethi, "Mnumzane!"

Yathi, "Yebo, mnumzane!"

Wathi, "Silapha nje sivela e United States. Siyizithunywa. Size lapha ukuzohlola lokho okuthiwa yimvuselelo, yaseWelsh. Singodokotela bezenkolo, ngakho silapha ukuzoyihlolisia." Wathi, "Sifuna ukubona ukuthi imvuselelo ikuphi nokuthi ibanjelwe ndawonaphi."

Yathi, "Mnumzane ufike khona. Yimina imvuselelo yalapha eWales!" Ameni! "Imvuselelo yobuWelsh ikimina! nansi lapho ikhona!"

Kunjalo uma uphila ngoMthombo waManzi aPhilileyo. Kuhlala kungukuphila njalo nje, ephuphuma, ngaphezulu, nangaphezulu, nangaphezulu, awanamkhawuko. Akusikho lokhu kokuthi hamba uyobona noma amanzi akhona yini, ukuba sike sabanayo yini imvula lapha esikhashaneni esadlule; akusikho lokho. KuyilowoMthombo waManzi aPhilileyo.

Njengoba ngithi, uveza amanzi awo ngesihle. Awudingi-kubeka masaka kuwo ukuthola—amany'masaka ngaphambi kokuba umthumele ayoshumayela ubone ukuthi amagama uwaphimisa kahle yini, uwakhuluma kahle na, uma esebenzisa amabizo nezabizwana, nokunye, neziphawulo. Abaningi babo abazi nokuthi yini yona leyo na. Kepha uphila ngawo uMthombo njengabanye (niyabo?) kuyefana.

Awethembele emvuleni ena kulesosigodi ukuwugcwalisa noma izimvuselelo zalesosigodi ngoba-awudinge kwenza lokho, ngoba amandla awo nenhlanzeko yawo kungaphakathi kuwo. Lilapho-ke iZwi, amandla aWo. La pho umuntu engalemukela enhliziyweni yakhe, linenhlanzeko yaLo; linamandla aLo. Aphakathi eZwini qobo lwalo. Liveza ukuPhila.

Ulsraeli kwakuthi uma elishiyile. Babengena enkathazweni. Njalo nxa beLishiya, babengena enkathazweni, njengoba senza nathi manje. Lapho imvuselelo, isuka kulokho, khonake

akukuhle; izigubhela ezinye iziphethu ne—noma eminye imithombo-mbumbulu yamanzi amile, kuya lapho ke.

Kepha Wayehla ebasiza. Ukukhonona oLwandle oluBomvu. Kwakuthi uma bekhonona . . . Kepha kukho konke lokho Wayebathembisile, wayebenzela isethembiso. Wayemele ukubabuyisela emuva ngaso lesosikhathi, ngendlela esibona ngayo, kepha wayethembise ukubawezela ngaphesheya. Wenzenjani na? Abantwana bakwalsrayeli, Wabalungiselela iNsika yoMlilo nakho konke ukuqinisekisa, umprofethi wabo. Base bebaholela ngale kolwandle—kuhlala kuyinkathazo ukwahlukana naYe—nangu noFaro eza nempi yakhe. Ngabe niyazi ukuthi uNkulunkulu wenzani na? Wavele Wavula lowomthombo wamanzi aBomvu amile. ULwandle oluFile luyinto efile fi emhlabeni, lufe nya; amile, akukhonto engaphila kulo. Wayeseluvula wabakhulula ngakwelinye icala. Wabathatha wabayisa endaweni lapho bengenakuboshwa khona yinto enjengaleyo.

Ehlane bathola ukuthi amathangwe babengenakwethembela kuwo; ayomile. Bazithola sebesuka kulomgodi wamanzi baye kulowaya. Ngenkathi besehlane babebulawa yindlala ngenxa yokungatholi amanzi okuphuza, babesuka baye kuleliyathangwe laphaya, echibini, lalomile. Baye kwenye indawo; yayomile. Kabange besacabanga ukuthi kusayobuye kwenzeke ukuba bathole amanzi. Kwasekuthi-ke endaweni engafanele nhlobo bawathola ogwadule amanzi. Ayesedwaleni. Abese-dwaleni. Indawo ongeke impela uwathole kuyo amanzi kusedwaleni elimaphakathi nogwadule. Kepha uyabona, uNkulunkulu uyazenza izinto ezinjengalezo. Endaweni engafanele, ngendlela engajwayelekile. Besilokhu sinalokho-ke nathi.

Bacabanga ukuthi kufanele ubenehlelo elikhulu u—ukuqoqa abantu ndawonye, ubakhiqize njengomshini nokunjalo, bathole izinkulungwane ezizohlanganyela, nakho konke okufana nalokhu ukuze babenemvuselelo. Kwesinye isikhathi uNkulunkulu uthatha umuntu osemdala ongazi ngisho u a-b-c futhi khona impela phakathi kwabantu abangafundile abangazi ngisho ukwahlukanisa isandla sokudla kwesobunxele, Angavusa imvuselelo enganyakazisa izwe. Wakwenza esikhathini sikaJohane. Wakwenza esikhathini sabaprofethi. Njengoba sibazi akukho namunye wabo owayefundisiwe. Kepha uNkulunkulu uyabatanda enze utho ngabo.

Kulelidwala kwavela amanzi. Wabe eliDwala. Wayala leliDwala ukuba li—lishaywe. Ngakho Wakhipha amanzi amaningi acwebile, amasha, ahlanzekile kuwowonke umuntu ofuna ukuphuza. Wasindisa bonke ababephuza kuwo, umfanekiso ophelele ohambisana noJohane 3:16:

. . .Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, Waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa. . . ukuba yilowo nalowo akholwe yiyo angabhubhi, kepha abe nokuphila okuphakade.

UNkulunkulu walishaya eKalvary leloDwala. Wakwetshatha ukwahlulewa kwethu, ukuze kuYe kuphume uMoya wokuphila oyonika wena nami ukuPhila okuPhakade. Lowo ngumfanekiso ophelele walokho kulelihlane.

Kwakungadingeke badonse, bagubhe, baphampe, noma benzeni, kuphela nje ukuba bahlanganyele ngokukhululeka kuleyondlela elungiselwe nguNkulunkulu. Uma. . . Babengadinge kugubha echibini; babengadinge kudonsa ngebhakede; babengadinge kuphendula nangantoni ukuze bawathole; kuphela nje kwakufanele bahlanganyele kuwo. Futhi yilokho kuphela okufanele kwenziwe. Akudingi uhlanganise lutho; akudingi ukuba uye ealtare uguqe uzame ukuzisebenzela ngandlela thize, uwuphampe; akudingi ukuba ulokhu uphindaphinda izwi ngezwi uze udideke; okumele ukwenze nje kuphela ukuba ukhonze Yena ngokukhululeka, indlela ehlelwe nguNkulunkulu. Akusikho ukuphampa, nokufuqa, nantoni, vele uthathe nje ngesihle. Akukho okudinga mawukwenze! Bekungadinge wenze lutho, bekungadinge kugujwa. Babengadingi baguqe bakhale ubusuku bonke bewafuna, bavele baphuza kulo. Lase lishayiwe selilungisiwe. Kunjalo.

Ngibuka nansiya indoda manje ehlezi layindlini emuva laphaya. Ngiyakhumbula ngiyitshela phezu kwendlu endala yezimpahla ngelinye ilanga emqubeni. Kepha yathi, “Kepha angilungile.”

Ngathi, “Ngiyazi ukuthi kunjalo.” Ngase ngithi, “Nami ngokunjalo.” Kepha ngathi, “Wena ubheka ubunjalo bakho. Yekela ukubheka ubunjalo bakho, kepha bheka Yena ukuthi unjani.”

Wathi, “Uma nje ngingehlukana nogwayi, Mfowethu Branham, ngi—ngi—ngiyoba umKristu.”

Ngathi, “Ungehlukani nawo. Uzama ukuba muhle bese uza kuYe. Kezanga ukuzosindisa abantu abalungileyo; Wezela ukuzosindisa abantu abangalungile ababazi ukuthi babebabi.

Wathi, “Kulungile ke. . . ”

Ngathi, “Lalela, awuthandi ukuya esihogweni, ngabe uyathanda na?”

Wathi, “Qhabo!”

Ngathi, “Kunjalo awufanele. Wafa ukuze wena ungabe usaya.”

Wathi, “Kumele ngenzeni na?”

Ngathi, “Lutho. Kulula nje.”

Wathi, “Kepha uma ngingahle . . . ”

Ngathi, “Buyela futhi kulowogwayi. Ungalokothi ucabange ngalowogwayi futhi. Khumbula, cabanga ngaYe, ukuthi Wenzani, ukuthi unguBani, hhayi ukuthi wena ungubani. Awulungile, futhi awukaze, futhi soze, kepha lokho aYikho! Nguye Yedwa.” Ngase ngithi, “Manje, kunye okumele ukwenze, uma Athatha indawo yakho phansi laphaya, vele wamukele ngokukuvuma Akwenzayo. Okumele ukwenze nje ukuba ukwamukele.”

“Kwalani,” kusho yena, “kulula. Ngizokwenza lokho.”

Ngathi, “Nanku umfudlanyana.” Ngamdonsela phezulu lapha ngambhaphathiza egameni likaJesu Kristu. Abanye abantu bakubo bahlezi lapha, futhi ngi—ngiyazi ukuthi kunjani—bangihleka ngokwenza njalo. Ngangikwazi engangikwenza. Ngangikubonile okuthize endodeni. Ngakubona kukhuna, ngasengimthatha ngambhaphathisa eGameni leNkosi uJesu. Sengikwenzile lokho, akuthathanga sikhathi ngase ngi—ngaya endlini yendodana yakhe. Sabona u—umbono ngesihlahla esephuka ndawo-thize, indoda yabe isiwa, yacishe yephuka umhlane wayo, yasiwa esibhedlela, ngalobobusuku iNkosi yembula kimi ukuthi kwase kungukunqamuka kukagwayi. Kwathi ngosuku olulandelayo wafuna ugwayi. Ngathi, “Ngizomthengela ikhathoni ngiliyise kuye. Nizobona ukuthi kuzokwenzekani.” Izinsuku zakhe zikagwayi sezedlula. Akaze aphinde abheme kusukela lapho, selokhu kwasukela lapho akafuni ngisho umucu.

UNkulunkulu! Niyabo, into yokuqala okumele uyenze ukuza kulowoMthombo. Umele ukuza kulawoManzi uqonda ukuthi akukho lutho ongalwenza; kuyilokho Yena akwenzela khona. Awudingi kugubha; awudingi kuwaphampa; awudingi kuyeka lokhu; awudingi kuyeka lokho; into kuphela okumele uyenze ukuya lapho uphuze. Kuphela. Uma womile, phuza!

Manje, WayeliDwala. UNkulunkulu wamshayela thina, futhi wakhipha acwebile, ahlanzekile amanzi. Usakwenza nanamuhla kulabo abayokholwa. Ngumusa waKhe lona, impela, kubantu baKhe, abayithina.

Kukhona okuthize okulapho njengabantu banamuhla, abazimisele ukwamukela abangakuthola, kepha kabafuni ukubonga ngokuba baMkhonze. UIsrayeli wabe ezimisele uku—ukuphuza edwaleni manje, kepha kabathandanga ukwenZela uNkulunkulu inkonzo yaKhe eyabe iMfanele.

Futhi njalo usinika inkonzo. Niyazi, ngeke sakwazi ngisho ukuphefumula ngaphandle kwaKhe. Ngeke saphefumula ngaphandle kwenkonzo kaNkulunkulu. Kungakho sethembele kangako kuYe. Nokho, nokho kusikhonondisa kakhulu uma sizama ukwenza—makufanele siMenzele utho, Usicela

ukuba simenzele utho, hamba uyobona usibanibani, hamba uyothandazela umuntu othize, hamba uyosiza umuntu mumbe. Kusenqenisa kabi ukwenza lokho. Kepha asithandi ukwenza noma yini ukuba siMkhonze.

Ukukhononda kwaKhe kwabe kuyilokhu, "Bangishiyile Mina, iZwi, mamukela umthombo ovuzayo esikhundleni salo. Bamukela . . . Bangishiyile Mina, uMthombo wokuPhila, uMthombo waManzi okuPhila, bafisa baqoma ukuphuza emthonjeni wamanzi okuzibumbela amile.

Ake ubheke nje? Ungathini uma umuntu manje, uma kukhona umthombo wesiphethu okhipha amahle, amanzi amatshe omcako phansi enhliziyweni yamadwala, phansi laphaya esihlabathini sokugcina nakanjalo, abandayo alunqambothi, kepha athande ukuphuza emthonjeni—mbumbulu laphaya oqoqe konke okuphezu-kwendlu, amaqabunga awohlokile, nakho konke okuwuvucu okusuka ezakhiweni ezikuleyondawo, kuhambe konke kuyongena kulowomthombo wokwenziwa lapho kuvuzela khona amanzi asuka phezukwendlu, ezitebeleni, ezindlini zezilwane, nakho konke okugeleza kuye emthonjeni wokuzigubhela, thina ke sifuna uku-ukuphuza kulokho ngaphambi kokuba siye kulowomthombo oyisiphethu na? Kosho ukuthi kukhona ukungasi emqondweni walowomuntu. Kunjalo.

Uma indoda noma umfazi eqoka ihlelo, elivuna ukugunda izinwele, akhinde, apende ubuso, yonke lenhlobo yezinye izinto, nenhlotshana ethize yo—yohlelo, nayo yonke lenqubo, ahambe ayodlala umdlalo webhola izinto ezithe-phecelezi, na—nayoyonke lemibhedo laphaya, ahambisane nezinto ezinjalo, athi wenza kangcono kunalokho abekwenza ngenxa yeZwi likaNkulunkulu eliyifashini endala eligawula lisiphule liveze izintombi ezinesimilo kwabesifazane libathathe—libenze bagqoke ngendlela efaneleyo, lisuse osikilidi nemboza nokuthuka nokuqalekisa nokuqamba amanga nokuntshontsha kuphume kuphele kuwe, nezwe liphume liphele kuwe, lingekunike ukwaneliseka okuphelele na? Iyelani indoda entweni enjalo ithi iyathokoza na? Ungayithola kanjami intokomalo entweni enjalo na? Ungawathola kanjani amanzi amasha emthonjeni wamanzi amile na? Angakwenza kanjani umuntu uku . . .

Uma umuntu ehamba eyophuza emthonjeni wokuzigubhela wamanzi amileyo kepha umthombo oyisiphethu ube uvulekile, ungathi, "Kukhona okungathathi emqondweni walowomuntu." Futhi uma indoda noma umfazi beya endaweni enjalo ukuyofumana intokomalo, kukhona okungathi chi ngokomoya kulowomuntu. Kabalifuni iZwi. Kutshengisa ukuthi imvelo yabo iselixoxo, noma unoshobishobi, into ethize. Kunjalo. Kuleyondalo kukhona ukuthanda ichibi lamanzi amile, ngoba

inhlobo yalezizinto ayinakuphila emanzini ahlanzekile echibi. Azinakukwenza; kungamanzi ahlanzekile. Azinakukwenza.

Manje, ukukhononda kwakuyilokhu, ukuthi bawushiya. Nanamuhla benza sona leso. Manje buka owesifazane emthonjeni. Yebo, weza emthonjeni owagujwa nguJakobe, wabe elokhu ewakha lapho amanzi njalo nje, emthonjeni wokuzigubhela kaJakobe. Kepha umthombo wokuzigubhela kaJakobe . . . ihlelo, sizowubiza kanjalo, ngoba wagubha emithathu yayo, nalona abewumbile . . . Manje, wabe enendaba enkulu. Wathi, "Manje, ubaba wawakha lomthombo, uJakobe; waphuza kuwo, nezinkomo zakhe zaphuza kuwo, nakho konke; ngabe akuzwakali kwenelisa kahle lokho na?"

Wayesethi, "Kepha lawomanzi owaphuzayo lapho, ubuye wome futhi, ubuye ubuye uzowakha." "Kepha," wathi, "amanzi eNgikunika wona anguMthombo iMpophoma, aphuphuma eqhamuka ngaphakathi, awusophinde uzowafuna lapha, asenawe."

Qaphela, kepha lapho esebonile ukuthi uMthombo wangokomBhalo ukhulume kuye ngesibonakaliso sangokomBhalo abekade esibhekile, washiya phansi leyonqubo yehlelo kaJakobe kaphindange abuyele kulo futhi, ngoba wasethole iDwala langempela. Niyabona? Wagijimela emzini. Wase-hlukene nesono. Wayengaseyena owesifazane ongcolile. Wathi, "Zanini, nibone engiMtholile, iNdoda Engitshele konke engikwenzileyo. Kungebe nguye uKristu lona na? Wa . . . Hleze lowomthombo wokwenziwa wawulungile. Wawuwufezile umsebenzi wawo. Manje wabe eseseMthonjeni wangokoqobo. Umthombo wokwenziwa wabe ulungile kwaze kwathi uMthombo weQiniso usufika, umthombo wokuzigubhela walahlekelwa ngamandla awo. Owesifazane wathola ukuthi kukhona indawo engcono yokuphuza. Ngakho ikhona indawo engcono! Ikhona indawo engcono, ikuKristu.

KuJohane oNgc. 7:37 no 38, uJesu wathi eDilini lamaTabernakele lokugcina: "Uma umuntu omile, makeze kiMi aphuze." Bonke babejabula. Babenempophomanyana yamanzi ayevela phansi kwe altare, na—nalapho bonke babephuza kuyo emkhosini we—wedili, Base bethi, "Obaba bethu baphuza edwaleni lokomoya ehlane . . . " Niyabo bazigubhela umthombo, amanzi amile abawaphampa phansi ndawondawo, ayeseqhuma phansi kwethempeli lapho. Bese beqoqelana kulamanzi, baphuze, bese bethi, "Eminyakeni eyadlula obaba bethu baphuza ehlane."

UJesu wathi, "NgiyileloDwala elalisehlane."

Bathi, "Sidla imanna evela eZulwini uNkulunkulu ayehlisayo."

Wathi, "Ngiyileyo Manna." Ukuthi uMthombo wawumi phakathi kwabo, lesoSinkwa sokuPhila sasimi phakathi kwabo,

kepha noma kunjalo kabasifunanga. Baqoka ukuba nemithombo yabo, ngoba umuntu wayekwenzile lokhu noNkulunkulu wabe ethumele Lokho. Kwahlukene ngempela. Bazigubhela imithombo.

Wathi, "Uma umuntu omile, makeze kiMi aphuze." UyilowoMthombo. Nanjengalokhu umBhalo wathi, "Esiswini sakhe kuyakuphuphuma imifula yamanzi aphilayo." O, uYilowoMthombo wesiPhethu! "Esiswini sakhe noma phakathi ekujuleni kuyakuphuphuma imifula yamanzi aphilayo."

UYileloDwala elalise—elaba yidwala likaHagari esikhathini sokuhlupheka. Lapho ingane yakhe isizakufa, esexoshiwe ethendeni wayesendle nolshmayeli owayesemncane, amanzi akhe ayewaphethe ngemvaba ayesephelile, wayesebeka ulshmayeli owayesemncane phansi wahamba ibanga elingangukuphonsa umnsalo wakhala, ngoba o—ngoba wabe-ngathandi ukubona umntwana efa. Kwathi kusenjalo iNgelosi yeNkosi yakhuluma, wayesethola iBelahorori u—umthombo lapho owawugeleza, kuze kubenamuhla usageleza. Waba yiDwala iBelaharori likaHagari kude le ehlane. Wabe umi lapha eMthonjeni weGazi ngalelolanga, umi laphaya eTempeleni . . . (Icala lokuqala liyaphela kuqala icala lesibili akuphelele—Umhl.) . . . isikhathi sesiphepho.

Ku Zakhariya isahluko 13, Wabe-yilowoMthombo owavulekayo endlini kaDavide wokuhlanza nezono—ukuhlanzwa kwezono. Wabe-YilowoMthombo. Kuma Hubo 36:9, Wabe nguMthombo wokuPhila kaDavide. UseyilowoMthombo namanje endlini kaDavide, futhi uNgumlobi wezingoma . . . Enhliziyweni yake lapho—uMlobi wezingoma wathi,

> Kukhona umthombo weGazi
> Ogobhoza emithanjeni kalmanuweli:
> Laph'izoni zihlanzwa khon',
> Kusuk'onk'amabal'obubi.

UyilowoMthombo wokuPhila, uMthombo waManzi. UnguliZwi kaNkulunkulu.

Abantu balezizinsuku baMshiyile, iZwi leqiniso, aManzi okuPhila, bazigubhele umthombo wobuhlelo. Futhi, bagubhile, bamba . . .

Namanje, sithola ukuthi banemithombo evuzayo. Nalomthombo ugcwele amagciwane okungakholwa, ukungakholwa, ukuqhosha, izinhlelo zemfundo, nokunye, okuphambene nezethembiso zikaNkulunkulu. Bangabangabazi beZwi.

Manje, lemithombo abanayo, iBhayibeli lathi, yayephukile. Umthombo ophukileyo ungumthombo ovuzayo, futhi uyamfimfa. Ngabe wenzani na? Umfimfela enkolweni engumgodi wokungcolile ebizwa ngokuthi nguMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Kulapho-ke umthombo ovuzayo

ubaholela khona. Bonke ngoba baMshiyile ba—uMthombo waManzi aPhilile, bazenzela lemithombo.

Bemba ezinkulu izinqubo zokufunda esikoleni sezenkolo, imfundo, nokunye, yileyonhlobo-ke yemithombo abayimbayo namuhla, ukuthi umuntu kufanele abe nePh.D. noma iLL.D. (iziQu zobudokotela bokwazi ngemvelaphi yokholo noma iziQu zomthetho) noma iziQu zemisebenzi yobuCiko noma okunye ngaphambi kokuba ayoshumayela. Imithombo egcwaliswe ngesayense yokwazi ngoNkulunkulu eyenziwe ngumuntu. Babayisa kulezizikole ezinkulu zokufundela, nalapho bafike babahlohle isayense yokwazi ngoNkulunkulu, okungeyenziwe yibo, babathumele ukushumayela ngayo. Lesisikhathi esiphila kuso!

Imithombo eyenziwe ngabantu! Akukho nkinga nge. . . Akumangalisi lento isize ya—yaba ngenukayo. O, futhi bakithi! Kungoba abantu baphuza kulento. Bayaye benzenjani abantu namuhla uma befuna injabulo na? Abantu, esikhundleni sokuba bemukele injabulo yeNkosi, baguqukela enjabulweni yesono. Abantu baya enkonzweni bazibize ngokuthi bangamaKristu uma imithambo yabo ingashayi khona, bokhela usikilidi. Futhi uma be—uma befuna uku—ukwenza amancoko bagqoka izingubo, ezikhanukisayo baphume bayogunda utshani ukuze kuthi uma bebona indoda izedlulela ibakhuzele ngekhwela. Benza konke ukuze babenodumo. Bafuna ukubukeka njengompetha bamabhayisikobho. Kuyinjabulo yabo, kanti uJesu wabe ethe, "NginguManelisi wabo." Isizathu sokufuna ukuba aye kulokho, kungoba bengafuni ukuphuza kulowoMthombo. BaWenqabile. Kabafuni ukuphuza kuWo. Bazihlanganise nenqubo ethize eyenziwe ngumuntu, inhlobo ethize yomthombo ogcwele yonke inhlobo yezinto ezithanda amanzi amileyo ezingahlala kuwo.

Izolo besinabantwana enhla emfuleni—noma ngikholwa yikuthi bekungumGqibelo ekuseni. Sehla; uBilly wabe—kade edoba ngesikebhe. Senyusa abantwana (umfanyana ongumzukulu nabanye, indodakazi yami, nendodana yami esencane) sakhuphukela emfuleni uku—ukuba sigibele isikebhe. Wawungeke usigibele ngisho isikebhe emfuleni ngenxa yabantu ababi, abangcolile, emfuleni laphaya, begqoke kwesingezansi kuphela bezenzela noma kanjani nje. Isikebhe esagwedla sahambisana nesethu, sasigcwele isigejana sabafanyana abaneminyaka elishumi nambili, kuya kwelishumi nane, yilowo ephethe ikani likabhiya esandleni sabo nosikilike. Lokho bakubiza ngokuthi "ukuzijabulisa." O, bakithi! Uyohlala kuze kube nini lomhlaba nalenqubo enjena na!

Khona ke ukuze bazikhulule emicabangweni yokuthi uma befa bayoya esihogweni, into abayenzayo, bayaye bahambe bayozihlanganisa nomunye walemithombo yabantu. Ukuze kuthi uhlobo lwabantu olufanayo lube ngolwalowo

mthombo. Into abayiyo nje bayisixukwana esingcolile, sonoshobishobi abangcolile bezwe. Bazihlanganisa kulokho, ngoba, njengomama wami omdala wayevamise ukuthi, "Izinyoni zohlobo olulodwa zindiza ndawonye." Ngeke beze eMthonjeni bahlanzwe kuleyompilo yesono. Bathanda ukuphila khona lapho bese bebambelela ekufakazeni ukuthi bangamaKristu. Kungani na? Basukile kuYe, uMthombo weQiniso weNjabulo, wokuPhila, ukuPhila okuphelele, nokwaneliseka. Kungalesisizathu bekwenzile, ngoba befuna ukujoyina kukho. Banabantu abathize lapho abakholwa yileyonto.

Khona lapha esikhathini esingengakanani, uMfowethu Fred nami, noMfowethu Tom, siyisigejana saya e—ebandleni lamaBaptist elaziwayo edolobheni laseTucson ukubona ukuthi singeyithole yini into engathi ukusishukumisa. Umfundisi wakhuluma ngento ethize ngabantu ababeseGibhithe ngenkathi besuka babedla ugaliga nokunye, bafuna ukubuyela emuva futhi bayowudla. Wathi, "Kufana nabantu banamuhla." Futhi si—sonke sathi "Ameni!" Azange ngibabone abantu abanjeyana! Lonke ibandla layeka ukubuka umshumayeli labuka emuva ukuthi ngabe ngubani lowo owayethi "Amen!" Kwabethusa bacishe bafa. Babengazi ukuthi kwakwenzenjani. Lapho u—uDavide wathi, "Dumisani iNkosi ngomsindo wokujabula! Mdumiseni ngamahabhu; mdumiseni ngamasimbali; konke okuphefumulayo makudumise iNkosi, dumisani iNkosi!" UNkulunkulu uyathokoza kubantu baKhe. Maba—uma befunda, mabathi "Ameni!" uma kukhulunywa into eyiyonayona.

Yini ningayeki lenqubo nomthombo wezwe namukele inqubo kaNkulunkulu eyethembekileyo, enguMthombo wesiPhethu, uJesu Kristu. Yini ungezi kuYe na? Lapho uNkulunkulu engumthombo wentokozo, esinikeza ukudumisa okuningi kakhulu, esinikeza ukwaneliseka okukhulu kakhulu. Ukuthula kwemizwa yami kuvela kuNkulunkulu. Uma ngidabukile, ngithola ukwaneliseka kwami kuKristu, hhayi kusikilidi, akukho ezintweni zezwe, akusikho ukujoyina isivumo sokholo, kepha kusekuzuzeni Yena, iZwi elethenjisiwe Athi ngalo, "Uma ngihamba, ngiyakubuya futhi nginamukele." Ngikuthola lapho ukuthokoza kwami. UngukuThokoza kwami.

Bathi namuhla ngokujoyina lezizinto nangokwakha loMkhandlu wamaBandla oMhlaba bathi bazokwenza indawo engcono yokuphila. Ngokucacelwa kwami, bazokwenza indawo engcono yokona. Kunjenge . . . Yonke into iyisono. Kungesikho nje ukuhlala kuyo, kepha ukufela kuyo. Sizenzela indawo yokuhlala—yokona, esikhundleni sokuphila kuyo.

Konke okunye okungaphandle kukaJesu Kristu neZwi laKhe lokuPhila kungumthombo ovuzayo. Konke okuzama ukuthatha indawo yalo, konke ozama ukukwenza ukuze kukulethele ukuthula, konke ozama ukukwenza ukuze kukulethele

induduzo, yonke inhlobo yenjabulo oyamukelayo kunoma ikuphi esikhundleni sokukaNkulun-kulu, kungumthombo ovuzayo ogcwele ukungcola. Unikeza ukwaneliseka okupheleleyo.

Ngiyakhumbula lapha kwakusehlobo esikhashaneni esadlulayo ngaphuma ngomnyango ongemuva. Kwakukhona isotsha eliselincane eliyinhleka-bayeni phandle laphaya elathi kimi, lathi, "Uyazi ukuthi kungani uhlale ukhuluma ngabesifazane kanje, ukukhinda nokunye," wathi, "kungoba usumdala," "Kubangelwa yilesosizathu."

Ngathi, "Bheka lapha. Umdala kangakani wena na?"

Wathi, "Amashumi amabili nesikhombisa."

Ngathi, "Ngangisemncane ngeminyaka eminingi kunawe, ngangishumayela into efanayo nale!" Ngathola uMthombo owenelisayo; UyiSabelo sami. Ameni! Uma nje Esangipha lokho, kungokuhle. Kungu—kungu—kungubuciko bami, ukubuka kuYe, ngibukisise umsebenzi waKhe wezandla ngibuke ukuthi Wenzani. Awukho omunye umthombo engiwaziyo.

Igugu leli kimi
Lingenza ngibe-mhlophe;
Umthombo wodwa warn;
IGazi likaJesu lodwa.

Kukhon'umthombo weGazi
Ophum'emthanjen'ka Imanuwel;
Laph'izoni zihlanzwa khon;
Kusuke wonke amabala obubi.

Ngiyakutshela impela, awukho omunye umthombo engiwaziyo kuphela yilowoMthombo. Wangihlanza lapho ngingcolile. Ungigcina ngihlanzekile, ngoba ngifuna ukuWuphilela, ngiphuze laManzi amasha agcwalisa umphefumulo wami ngenjabulo. Nginga—zizwa ngiphansi ngizwe ukuthi kunzima ukuhamba—elinye ibanga, akuvumi noma ngiye-phi, ngingaguqa phansi ngibeke umunwe wami esethembisweni ngithi, "Nkosi Nkulunkulu, UngaMandla ami, UnguManelisi wami, Uyikho Konke kukho Konke kimi." Ngingaqala ukuzwa into ethize ingihlumelelisa phakathi ekujuleni kimi, ngiphume ekukhathaleni!

Uma ngedlulile emashumini amahlanu ubadala, ngivuke ekuseni . . . Niyazi ukuthi kubanjani, kunzima ngisho ukwehlisa unyawo olulodwa embhedeni wehle. Wo, kunzima ukukwenza, kubekhona ongqo ngqothayo emnyango noma uBilly engitshela ukuthi kukhona okuphuthumayo ndawo-ndawo kumele ngihambe, bese ngicabanga, "Ngizohamba kanjani kodwa?" Ngizame ukwehlisa olunye unyawo; ngicabange, "UnguMthombo ogcwele amandla ami!" Ameni! "Amandla ami nosizo lwami kuvela eNkosini. UnguMthombo wesiPhethu wami; UnguBusha bami." "Labo abalindela iNkosi bayathola amandla amasha; bayakhuphuka ngamaphiko njengezinkozi.

Bayakugijima bangakhathali; bayakuhamba bangawi." "Nkosi Nkulunkulu, kungumsebenzi wami lona ukuba ngihambe. Ngibizelwe isikhundla sokuhamba," uyazi into yokuqala, kubakhona into eqala ukugobhoza ngaphakathi kimi.

Ngelinye ilanga nganginenkonzo endaweni laphaya eTopeka, eKansas, kwakukhona ibhungu, umshumayeli osemusha, omunye wababengikhuthaza . . . Umfowethu Roy, ehlezi lapho, uyayikhumbula leyondawo. Kule—kulendawo enkulu lapho, kwakukhona u—u—lomfundisi wayeshayeke ophahleni kumbe endaweni eludonga, washayeka wagqibeka ngaphansi. Insizwa entsha yacishe yafa. Isibindi sakhe sasidlivizekile; ubende lwaphuma endaweni yalo; inqwaba yawela kuye.

Ngahlala ekudleni kwasekuseni ngikhuluma nonkosikazi. Ngathi, "Nkosikazi, uyazi ukuba uJesu wayelapha; uyazi ukuthi ubeyokwenzenjani na?" Ngathi, "Ngenkathi engikhuthaza—ngiyalikholwa leloZwi—wayekhuthaza uKristu." Ngathi, "Lokhu kulicebo likadeveli." Ngathi, "Uma uJesu ubelapha, uBeyohamba ayobeka izandla zaKhe ezingcwele phezu kwakhe. Lowomfana ubeyosinda. Anginendaba noma isibindi sakhe sidlayazekile. Ubeyosinda, ngoba uJesu ubeyokuya lapho ezazi kamhlophe ukuthi Wabe Engubani. Wayelwazi ubizo lwaKhe, imiBhalo yabe iqinisile, imqinisekisa ukuthi Wabe eZazi ukuthi Wabe engubani, futhi akukho—akukho ngisho ithunzi lokungabaza. Ubeyobeka izandla zaKhe phezu kwakhe athi, 'Ndodana, phila,' phuma lapho." Ngase ngithi, "Ngisho noma amadimoni abengaba maningi kangakanani esihogweni abengeke ambulale lowomfana lapho." Ngathi, "Ubeyosinda." Kepha ngathi, "Uyabo, S'thandwa, Wabe enguJesu, izandla ezingcwele zikaNkulunkulu." Ngathi, "Ngiyisoni; ngazalwa ngentando yendoda. Bobabili ubaba nomama babeyizoni. Mina ngiyinto engelutho." Ngase ngithi, "Kepha uyazi ukuthini? Uma iNkosi ibinganginika isibonakaliso bese ingithumela ezansi laphaya khona-ke bekuyoba nomehluko." Ngathi, "Bengiyokwehla, ngibeke izandla zami kuye, ubeyovuka kulowombhede, uma Enginika isibonakaliso."

Ngase ngicabanga, "Empeleni, uma kwakungumbono, kwakuyini na? Kwakuyizona lezozandla ezingcolile phezu kwakhe, yona leyondoda imkhulekela zona lezozandla ezingcolile." Ngase ngiqala ukucabanga, "Ngimmele. Ngakho uNkulunkulu akangiboni mina. LeloGazi lalowo oLungileyo lilapho ealtare; liyangikhulumela. UNguManelisi wami, unguMkhuleko wami, uNgukuPhila kwami." Ngathi, "Okuyonanto engangenza ngimbeke izandla ngokukholwa, ngoba nginakho ukukholelwa embonweni, nangaphandle kombono khona lokho kukholwa kungenza into efanayo! Ngakho ngingazithatha njengomuntu ongelutho, kepha ngiMqonde Yena ongowami oyikho Konke kukho Konke.

UngukuPhila kwami; uliNxusa lami. Angithunywanga ihlelo; ngathunywa nguYe. Haleluya! Ngihamba ngeGama laKhe. Manje, ngizobeka izandla zami phezu kwakhe." Ngehlela lapho, ngabeka izandla phezu kwalowomfana, ngalobobusuku wabe esenkonzweni ephile saka. Ameni! O, yebo, Uyilowo Mthombo. Awukho omunye engiwaziyo. IGazi likaJesu lodwa.

Ngingonukayo; ngilimbuka; sonke siyiwo. Kepha phambi kukuNkulunkulu siphelele. "Phelelani njengoYihlo waseZulwini uphelele." Ungaba kanjani na? Ngoba loWo oPhelele usimele laphaya. Lowo Mthombo ulapho nsuku zonke, musha, akusiyona into emile ethizeni, kepha efresh nsuku zonke, eligeza zonke izono zami. UyilowoMthombo.

Manje ngingavala ngokusho lokhu: Noma yini eyahlukile kulokhu iyimithombo evuzayo ekugcineni iyovuzisa lokho othi ukuthele kuyo. Uma uthela onke amathemba akho, sonke isikhathi sakho, nakho konke kuleyomithombo yamanzi amileyo . . . UJesu wathi bangumthombo ovuzayo. UNkulunkulu wathi babevuza, bayovuzisa konke okuthela kubo. Ngeke waqhubeka nabo ibanga elide, ngoba bayovuza. Ngokuba uYiyona-Ndlela eya eQinisweni, ekuPhileni, nasenjabulweni yaphakade nokuthula kwaPhakade. Unguye Yedwa nayoYodwa iNdlela eya kulokho.

O, hhe! UMthombo wokuPhila ongapheli amandla unguJesu Kristu. Ngani na? UNgubani na? UyiZwi elifanayo; iZwi, ukuPhila, uMthombo, unguye izolo, namuhla, naphakade. Ikholwa leqiniso, kungukujabula kwakhe kwaphezulu, impilo yakhe yaphezulu, nokwaneliswa kwakhe kwaphezulu kukuKristu. Akuphampwa, akudonswa, akujoyinwa, akushintshwa-manzi, kungukukholwa nokuphumula. Uyilokho kokholwayo.

Njengobaba uAbrahama, zange, adonse, zange ateteme zange akhathale; wabe eneZwi. Wacamela emabeleni kaEl-shaddai. Lapho uAbrahama eseneminyaka elikhulu ubudala, uNkulunkulu wabonakala kuye wathi, "NginguMninimandla onke" (NgesiHeberu igama elithi El-shaddai, lisho "onamabele."), "futhi usumdala, namandla asephelile, kepha camela esifubeni saMi uncele amandla akho kuloMthombo." Ameni! Wazincelela ini na? Umzimba omusha. Wathola umntwana kuSarah, nasemuva kweminyaka engamashumi amahlunu wabuye wathola abantwana abayisikhombisa komunye umfazi!

O, Elshaddai! ITestemente eliDala liyakhombisa ukuthi Wenzani, iTestemente eliSha lisitshela ukuthi Uyokwenzani. Ameni! ETestamenteni eliDala . . .

Manje, umoya usunqamukile, ngakho ngizoshesha besengima lapha manje, akenithi umzuzu nje. Ngizosho lokhu phambi kokuba ngivale. Ngaba nesibonelo esihle salokhu

ngelinye ilanga. Ngangiqaphile. Abantu abaningi lapha, nasezansi duze kwaseGeorgetown, ezansi laphaya, eMilltown, kwakukhona umthombo ngendlela eya emva kwezintaba. Kwakunomthombo oyisiphethu. Wawu—khafula cishe i—amafidi amane noma amahlanu isilinganiso samanzi, uhlala nje umpompoza njalo njalo, kukhona umthombo omkhulu maduze nalapho e. . . Eduzane kwawo kwakukhona imvamisa lesisithombo esihlala iminyakanyaka, niyasazi, nezinto ezimila lapho olunjengohlobo lwesithombo oluyisithokelo. Laphoke o, ngangikomela ukufinyelela lapho (o, hhe!), ukufinyelela kulowomthombo! Ngangithi cu ngesisu kulokhu okuzihlahlana ngiphuze ngiphuze ngithi ukuhlala ngibuye ngiphuze, ngilinde. Unyaka nonyaka ngangilokhu ngiza kuwo wona lomthombo, kawuzange ushe, ebusika noma ehlobo. Babengawuphenduli ubeyiqhwa. Ngeke uze uwenze iqhwa umthombo oyisiphethu. O, qha! O, qha! Anginandaba ukuthi—ungaqanda kangakanani, soze lokho kwawenza iqhwa. Kungawenza iqhwa umthombo wokwenziwa, isithwathwa esiyimbijana nje singakwenza lokho. Niyabo? Kepha yonke into enyakazayo, inokuPhila kuyo; kuyayinyakazisa. Ngakho ngeke uwuphendule umthombo oyisiphethu ubeyiqhwa. Akukhathali noma ungaba ngocindezekileyo kangakanani endaweni yawo, lesisiPhethu sihlala siphila. Hlala kulesosiPhethu.

Futhi ngaqaphelisisa lapho, ngahamba, ngaphuza kuwo, futhi o, hhe, amanzi amasha nje; awukhathazeki, "Ingabe kobanjani sengifika laphaya, angazi noma ngabe asemile yini ukugeleza na?" Abesayilokhu ehamba . . .

Umlimi omdala wangitshela, wathi, "Umkhulu waphuza lapho." Wayesethi, "Awukaze ushe noma wenze-keni; kuseyileso siphethu, sigelezela khona kuyo iBlue River laphaya."

Ngacabanga, "O, hhe! Indawo enhle kangaka yokuphuza." Ngahamba cishe imayela ukusuka endleni ukuya kuleyondawo, ngoba kwabe kuyindawo emnandi yokuphuza. O, ayemnandi kanjani lawomanzi! O, hhe! Ngang—Ngaphuma kulologwadule, eArizona, namanje ngisacabanga ngawo. "Lesosiphethu esimangalisayo phansi le, uma ngingacambalala kuwo nje." NjengoDavide owathi ngesinye isikhathi, "O, uma ngingaphinda ngiphuze kulesosiphethu." Uma ebengafika lapho.

Ngelinye ilanga ngase ngihlala phansi, nganginenye into ehlekisayo engayizwayo eyenzeka kimina; ngase ngithi, "Yini ekwenza uhlale ujabule ngezikhathi zonke na? Bengifisa sengathi ngingahlala ngijabule kanjalo. Yini, kangikaze ngikubone udumele selokhu ngafika lapha. Akukho ngisho nokukodwa ukudumala kuwe." Ngathi, "Uhlala njalo ugcwele injabulo; uyagxuma uyaphuphuma uyaziqhubekela. Ebusika noma ehlobo, kubanda kushisa, noma kunjani, uhlala ugcwele injabulo. Yini ekwenze—yini—ngabe yini—kungoba ngiphuza kuwe na?

"Qhabo."

Ngathi, "Kungabe, mhlawumpe kungoba onogwaja bephuza kuwe, kumbe ukuthokozela kakhulu lokho!"

"Qhabo."

Ngathi, "Kambe, yini ekwenza uphuphume kanje? Yini ekwenza ujabule kangaka na? Yini ekwenza uhlale ugcwele injabulo na?" Ngathi, "Kungabe kungoba i—izinyoni ziphuza kuwe na?"

"Qhabo."

"Ngoba ngiphuza kuwe?"

"Qhabo."

Ngathi, "Kanti yini ekwenza uphuphume injabulo na?"

Ngakho uma lesosiphethu besingangiphendula, besiyosho lokhu: "Mfowethu Branham, akungoba uphuza—ngiyakujabulela nalokho—nanoma kuphuza izinyoni. Ngiphuzisa wonke umuntu ofuna ukuphuza. Okufanele ukwenze ukuba uze lapha uphuze. Kepha okungenza ngithokoze, akusimina engiphuphumayo, kukhona okungaphakathi okungiphushayo. Kuyangiphuphumisa."

Kunjalo nasempilweni egcwaliswe-ngoMoya oNgcwele. Njengoba uJesu wathi, Wayese. . . Ukunika iziphethu zamanzi, aphuphuma ukuPhila okungunaPhakade, umthombo wemvelo, ohlale ugcwele uphuphuma ugeleza njalo njalo. Noma ngabe lonke ibandla liphezulu noma liphansi, wena usekuso lesosiPhethu. Yini ukuba ungathatha inqubo endala yehlelo nomthombo ogcwele izilokazane ezincela igazi lezinye izilwane nakho konke okunye bese uphuza kuleyondawo yaleyonto yamanzi omileyo na, kepha ube ubizelwe eMthonjeni, uMthombo wesiPhethu na?

Ngiyacabanga ukuba uphusha kanjani nje, kuyazenzekela nje, no—no—kugobhoza, nokuhleka, nokujabula, nokugxuma, nokutshekula. Kubanda, lina, kushisa, komile, lapho lonke izwe lase loma, wawuyilokhu uphuphuma njengoba wawuhlale wenza. Ngoba wabe ujulile, ugxilile; phansi emadwaleni lapho uvela khona.

Mfowethu, Dadewethu, woza kuloMthombo kusihlwa nje. Ungeze na, uma unga—kaze ube laphaya, ubungeWemukele kusihlwa nje sisakhothamisa amakhanda.

Umthombo, owaphukileyo, ovuzayo, omfimfayo, izwe limfimfela kuwo, ukungcola okusuka phezu kwendlu nokwezinye izinsuku. Yini kungabi kulesisiPhethu lapho lemfucuza ingeke ihlale khona, loMthombo omkhulu weGazi, owampompoza emithanjeni kalmanuweli. Awuwemukeli ngani na? Sengathi uNkulunkulu angasisiza kulobubusuku, kulelizwe elomisile elomele amanzi. Njengalokhu umprofethi wathi,

"UliDwala ezweni eliyethileyi." UyilowoMthombo. Beningeze kuYe ebusuku nje ezinhliziyweni zenu sisakhuleka.

Baba othandekayo osezulwini, awukho omunye umthombo (njengoba umculo usho "Umthombo wodwa wami, iGazi likaJesu lodwa"). Ngazalelwa kuwo; ngakhulela kuwo; ngafela kuwo, futhi ngavukela lapho kuYe. Njalo, Nkosi, mangibe kuYe, ngoba akukho okunye engikwaziyo, akukho sivumo sokholo, akukho thando—akukho thando kepha nguKristu, akukho sivumo sokholo kepha nguKristu, akukho ncwadi kepha iBhayibheli, akukho lutho okunye, akukho ntokozo engaphandle kwaKhe. Uma uMsusa kimi (O, Nkulunkulu!), angikhathali ukuthi kungakanani engikukweleta izwe, ku—lisayokufa. Ngimangele ngithwele imikhono ekhanda lami. Uma uMsusa kimi, iyophela indaba yami, Nkosi. Kepha Makabe kimi, khona ke uDisemba uyothokozeleka ngendlela efanayo noMeyi; ngakho ngeke kubekhona izindawo ezishisayo kanjalo ngeke kubekhona izindawo ezomileyo; ngisho nokufa qobo lwakho soze kwanqoba. MasiMamukele, Baba. MaMukelise kakhulu kuwowonke okholwayo lapha, kulobubusuku njengoba belindile kulendlu.

Abaningi babo bazobe beshayela emgwaqeni kulobubusuku sebeya emakhaya abo, kwangathi lokhu kungaba ngumdlinzo wabo, "Ngiphila kulowo Mthombo; ngiphila lapho, ngiphuza amanzi amasha ihora ngehora."

Nakalokhu uma bebengakakwamukeli lokho, sengathi bangaMemukela manje, ukuze bahambe noMthombo. "Ngokulandela; Ngiyakuba nawe kuze kube sekupheleni kwezwe." Siphe lezizinto, Baba.

Namanje, sisakhothamise amakhanda, ngabe ukhona lapha ebusuku nje, noma bangaki abangathi, "Nkosi ngiyise kulowoMthombo khona manje. Angizelanga lapha ukuzokuzwa nje; ngize lapha ukuzothola utho. Ngiza lapha ukuzozuza Wena, Nkosi. Nginesidingo saKho kulobubusuku. Ngena enhliziyweni yami khona manje. Uzokwenza lokho, Nkosi na?" UNkulunkulu anibusise. INkosi inibusise ngamunye ngamunye.

Baba, Uyazibona izandla, ngisho naphezulu nasemaceleni nakwenye indlu, phandle. U—Uyababona, Baba. Ngi—Ngiyakhuleka ukuba ubanike konke abakudingayo. Mhlawumbe bebephuza emthonjeni omdala, Nkosi, bathe besahamba ingxenye yebanga bama lapho abantu begubhe khona umthombo. Usuphenduke waba ngukufa nazozonke izinhlobo zezimfundiso ezingaziwa, bephika iZwi. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi kulobubusuku bazoza kuYe OyilowoMthombo, lowoMthombo wokuPhila. Siphe lokhu. Baba. Ngibanikela kuWe manje eGameni likaJesu.

Futhi Wangitshela, "Uma nicela noma yini eGameni laMi kuyokwenzeka." Manje, bengingekucele lokhu, Nkosi

ukuba bengingacabanganga ukuthi kuyokwenziwa. Bengi—bengiyokusho njengokulandela inkambiso nje. Kepha ngibakhulekela ngobuqotho; ngiyabakhulekela, ngikholwa ukuthi Uyobanikeza lokho okwethembisileyo.

Namanje, ngiyabasusa kulowomthombo ebusuku nje. Ngiyabasusa endaweni ekade bephuza kuyo, ngenkathi benganeliseki kuloMthombo. Ngikwenza eGameni likaJesu Kristu.

BangabaKho, Nkosi. Bavumele baphuze kuWe, aManzi aPhilileyo, uMthombo waManzi aPhilileyo. EGameni likaJesu Kristu ngiyakucela. Ameni. Siphe lokhu, Nkosi.

O, Igugu leli kimi
Lingenza ngibe-mhlophe;
Umthombo wodwa wam',
IGazi likaJesu lodwa.

Ngingahlanzwa ngani na?
IGazi likaJesu lodwa;
Ngingasinda ngani na?
IGazi likaJesu lodwa.

O, (Jesu, sindisa laba, Nkosi! Ngiyacela, Nkosi, ngeGama likaJesu ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uyokwenza. Wazi konke.)
Umthombo wodwa wam',
O, iGazi likaJesu lodwa.

Cabanga ngaloku! Umthombo wodwa wami. Angazi lutho olunye ngaphandle kwaKhe. Angifisi kwazi lutho olunye ngaphandle kwaKhe. IGazi likaJesu lodwa.

O, iGugu leli kimi
Lingenza ngibe-mhlophe;
Umthombo wodwa wam',
O, iGazi likaJesu lodwa.

Sisacula lelo futhi, asixhawulane izandla. Niyathandana na? Ngabe ukhona yini lapha onotho nomunye. Uma ekhona, hamba ukulungise, yenzani kanjalo. Masingaphumi lapha sinjalo. Niyabo? Uma unotho nanoma ngubani, hamba ulungise, khona manje. Khona manje kulithuba lakho lokuba uhambe uthi, "Mfowethu, Dadewethu, kukhona engikukhulume ngawe... Ngicabange into ethize...Bengingaqondile ukwenze njalo. Ngithethelele." Yileyondlela yokukwenza. Masibe noMthombo phakathi kwethu ngezikhathi zonke. Niyabo.

Umthombo wodwa wam',
IGazi likaJesu lodwa.

O, igugu leli kimi
Lingenza ngibe-mhlophe;
Umthombo wodwa wam',
IGazi likaJesu lodwa.

O, Akamangalisi na? UMthombo wodwa wami. Asisoze sazonakalisa ngezinye izinto. Sizahlukanisile, sashiya izwe ngemuva. Asisafuni nakuzwa ngogaliga nemithombo eyaphukile yaseGibhithe. Sisohambweni neNkosi uJesu, leloDwala elashaywayo (Ameni!), sidla imanna evela phezulu siphuza-sidla ukudla kweziNgelosi siphuza eDwaleni.

Umthombo wodwa wam',
IGazi likaJesu lodwa.

Asikhothamise amakhanda ethu, sikhulekele ukuthi uNkulunkulu uyonibusisa kakhulu ukuthi umusa waKhe nesihawu uyakuba nani kuze kube kuleliviki elizayo, uma kungenzeka noma yini ukuthi omunye wenu athi sithe ngale kweveyili manje, khumbula, ukuthi kungamahora ambadlwana okulala nukuphumula bese sibonana. Khumbulani ukuthi labo abasasele bephila abanakubandulela abaleleyo, ngokuba iCilongo likaNkulunkulu, lelo Cilongo lokugcina (elesithupha selikhalile), naleloCilongo lokugcina njengoPhawu lokugcina, kuyoba ngukubuya kweNkosi; liyokhala, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala. Baphumule nje kuze kube yileso sikhathi.

Uma ulimala, khumbula:

Hamba neGama likaJesu,
Liyisihlangu konoxhaka;
Nalaph'izilingo zik'vukela,
Khuleka kulelo Gam'el'ngcwele.

Amadimoni ayobaleka. Khumbula, sethemba ukuhlangana nani lapha ngeSonto elizayo ekuseni. Nilethe abagulayo nabakhathazekileyo. Ngiyonikhulekela. Nani ngikhulekiseni manje. Nizokwenza na? Thanini, "Ameni!" (Ibandla liyaphendula. "Ameni"—Umhl.) Ngiyonikhulekela ukuba uNkulunkulu anibusise.

. . . Khuleka

Gam'eliligugu, (Gam'eliligugu,) O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gam'eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

NgeGama likaJesu sizoguqa,
Sizoguqa phambi kwaKhe,
SiMethwese nemiqhele,
Uma sifik'ekhaya le'

Gam'eliligugu (Gam'eliligugu, ngabe alimnandi aliligugu na?)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gam'eliligugu, (Gam'eliligugu,) O limnandi kangaka! (O limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Njalo nje kubuhlungu ukwehlukana nani. Noma ngizwa ukuthi niyafa ukushisa, kepha kukhona oku. . . Akesisho elinye ivesi elilodwa lokunye, lilungile na? Nizolicula na? Nkosi sihlangene, Dadewethu. Bangaki abalaziyo leliculo elidala na? Sasilicula eminyakeni eyadlulayo.

Bengicabanga namuhla ebusuku, zimbili izandla ezazingaphakami nxa sihuba leyongoma eduze kwetabernakele sibambane ngezandla. Nkosi sihlangene. Sengangcwaba abaningi enhla emangcwabeni lapha. Balindile. Ngophinde ngibabone futhi. Ngiyababona embonweni kanye uma ngibuka ngale kweveyili; balaphaya. Masikhothamise amakhanda ethu sisahuba.

Nkosi, sihlangene,
Sisendlini yakho;
Yiza nawe, Nkosi
Sesiphambi kwakho.

Inhliziyo (Manje, xhawula noma ubani.) yethu, (Manje, khothamisa ikhanda lakho.)
Iyakukhalela;
Nomphefumulo wethu,
Uyakuhlalela.

Sisakhothamise amakhanda ethu, ngibuyisela inkonzo kumfundisi manje, uzosikhulula ngomkhuleko.

IMITHOMBO EVUZAYO ZUL64-0726E
(Broken Cisterns)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngo Julayi 26, ngo 1964, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©1996 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org